# *UBUNYE*

Ngiyabonga, Mfowethu Orman. INkosi ikubusise.

Sanibonani ekuseni, bangani. Kumnandi ukuba lapha etabernakele futhi kulokhu ukusa. Futhi bengimi nje emuva lapho ngilalele, ngisangena, nokuzwa isiprofetho siphuma ngendlela yokukhuluma ngezilimi, ngokuhunyushwa. Futhi ngithe kubantu ukuthi lelogumbi ligcwele nalo, ngakho ngithe, "Angazi, angikhulumile kulendoda" (Lowo bekunguMfowethu Higginbotham, uma ngiyithole kahle indoda.) "isikhathi eside. Sekuyizinyanga selokhu ngike ngaze ngamxhawula." Kodwa yilokho impela engikhuluma ngakho, kwakushilo kulokhu ukusa, khona impela engikhuluma ngakho. Ubengakwazi. Bengingakwazi mina uqobo kwaze nje kwaba sesikhashaneni esedlule, lokho ebengizokhuluma ngakho. Nalokho yikho nje, akushilo ngaleyonkathi-ke. Ngakho siyajabula ukwazi ukuthi sibuthanele eGameni leNkosi uJesu, nangaphansi kwamaphiko aKhe avikelayo.

2 Manje, ngibona abaningi bemile, indawo igcwalisiwe futhi iminyanisiwe, futhi siyazonda nje ukubona lokhu. Futhi, kothi masinya nje singakwazi, sizokwenza kwehluke lapha, itabernakele elikhudlwana. Manje, ngifuna ukubika ngokuvela ePhoenix ngokushesha nje.

3 Bengilapha ngobusuku bangeSonto eledlule futhi ngakhuluma ngendaba ye *ISidlo* e. . .ngaphambi kwenkonzo yesidlo. Isidlo akusikho ukuthatha isinkwa, *ukuxoxisana* kusho uku "khuluma ku, uxoxisane uphendule, ukhulume nomunye."

4 Futhi manje lokhu ukusa, uma ngithola ukuba mude kancanyana, ngani, omunye akashintshanise izihlalo nalabo abamile, futhi kuyothakaselwa, bahlaliseni phansi kancanyanyana. Ngi—ngikhathazekile ngalesisikhathi esiphila kuso. Ngikakhulu, ngikhathazeke kakhulu kakhulu. Uma ngibona izinto zenzeka engizibona zenzeka, kunento ethile ngaphakathi kimi enyakaziswayo. Futhi ngifuna ukuthatha isikhathi sami nje futhi ngizame uku . . .

5 Lomlayezo wasekuseni ngikhuluma ngendaba yo *Ubunye*. Futhi ngi—ngifuna ukuthatha isikhathi sami futhi ngizame ukuwenza njenge. . .ngiwundlale ngokuphelele nje njengoba ngazi ukuthi kanjani. Futhi ngifisa imikhuleko yenu njengoba nibuthene.

6 Futhi manje ngifuna niphenye, uma uneBhayibheli futhi uthanda ukufunda kanye nami, esahlukweni 1 samaHeberu, esokuqala. Futhi ngifuna ukufunda amavesi okuqala amabili esahluko 1 samaHeberu, bese kuba uGenesisi 1:26 nele 7, ukubophela lokho ndawonye. Futhi akukho muntu ongasho

noma yini efanelwe ukushiwo ngaphandle uma uNkulunkulu emsiza ukuba akusho. Na—nalokho kuhambisana nomlayezo kulokhu ukusa, futhi, wobunye babantu noNkulunkulu. Manje kumaHeberu isahluko 1, sifunda lokhu.

> *UNkulunkulu, esekhulumile endulo . . . kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi,*
>
> *Ekugcineni kwa*lona i*mihla ukhulume kithina* nge*yakhe . . . ngeNdodana yakhe, a*yi*mise ibe yindlalifa yakho konke, owadala ngayo futhi amazwe;*
>
> *Yona ethi ingukumenyezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo, isiyenzile ukuhlanzwa kwezono zethu, yahlala ngakwesokunene soMkhulu kweliphezulu;*

7 Futhi manje ngale kuGenesisi, i—isahluko 1 nele 27, 26 nevesi le 27, ngifunda lokhu.

> *UNkulunkulu wathi, Masenze umuntu ngomfanekiso wethu, basifuze: babuse phezu kwezinhlanzi zolwandle, ne*zinyoni *zezulu, nezinkomo, nomhlaba wonke, nezilwanyana zonke ezinwabuzelayo emhlabeni.*
>
> *UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe, wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu; wabadala owesilisa nowesifazane.*

8 Manje asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje sisakhuleka. Futhi ngiqinisekile ukuthi kunezicelo eziningi ezethamelini zalelinani, ngakho mhlasimbe asiphakamise isandla sethu kuNkulunkulu, onesicelo, futhi yena ngalokhu makakwenze kwaziwe ukuthi sinokuthile esikufunela umkhuleko. UNkulunkulu aniphe nonke ngamunye.

9 Nkosi, sibuthanele ngaphansi kophahla lwalelitabernakele, futhi sinokubonga ngokuba nophahla ngaphezu kwethu namhlanje, kodwa ukuza kwethu ndawonye bekwenzelwe inhloso enkulu kakhulu kunalena. Sizwa ukuthi ngesithembiso sikaNkulunkulu sibuthanele ngaphansi kwamaphiko kaMninimandla onke. Ukuthi Yena, njengesikhukhukazi sifukamela amachwane aso, uyosivikela kukho konke lokho esiMfisela ukuba asivikele kukho. Ukuthi Uzosifukamela futhi asondle futhi asiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla, kokubili ngokwemvelo nangokomoya, ukuze sibenamandla alondolozayo aqinisayo omzimba ukuhamba ngawo phezu komhlaba, namandla alondolozayo kaMoya oNgcwele ukuletha iZwi likaNkulunkulu kubantu abalambile. Nokuhamba lapha naWo phezu kwezindebe zethu nasezinhliziyweni zethu, ngalawomaFutha afreshi okugcoba ukuthi siyokwazi ukutshela abanye ngosuku esiphila kulo, nesimo sesikhathi. Nkulunkulu, sithembele kuWe ngokugcwele. Ayikho enye indawo esele ukuthi akukho muntu obengaya kuyo. Sizwa njengoba kwenza uPetru,

ngalolosuku ngenkathi uJesu wathi, "Nani nithanda ukumuka na?"

10 Wathi, "Nkosi, siyakuya kubani na? AmaZwi okuPhila okuPhakade akuWe." Futhi yingakho sibuthanela eGameni laKho kulokhu ukusa, ngoba amaZwi okuPhila okuPhakade akuWe wedwa. Futhi sikhulekela ukuthi Uzokwenza lokhu kube yikho ngempela kithi sonke namhlanje ukuba izinhliziyo zethu zizovutha ngaphakathi kwethu. Imiphefumulo yethu izoqiniswa, imizimba yethu iphiliswe, imimoya yethu iphiliswe, imiphefumulo yethu yenziwe kabusha, idalwe ifane nefashini ukuthi uNkulunkulu ubeyoba nathi.

11 Baba, ngikhulekela ukuthi Uzopha amandla okuqina kulabo abamile emagumbini nangokuzungeza izindonga, nasemphemeni ozungezile. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobapha amandla okuqina. Futhi, sazi lokhu kuyateyishwa, okuzoya ezizweni eziningi ezehlukene, phandle emazweni nezizwe zomhlaba. Futhi, Nkulunkulu, sithemba kuWe ngokuphelele. Siphe nje amandla okuqina ne—iZwi nogcobo, ukuthi kungahle kube nje indlela Obuyoba nakho okwalelihora. Sizinikela kuWe manje, ukulalela kwethu, iphimbo lethu, ukunaka kwethu, konke esiyikho, sinikela kuWe, ukuthi Uzohamba phakathi kithi. Sebenza ngathi futhi ubonakalise uBukhona baKho obukhulu kanye nathi. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

12 Igama *ubunye* kusho ukuthi "ukuba nomunye." *Ubunye*, "ukubumbana." Futhi, manje, lena indaba yangempela, futhi i—futhi ifanelwe ukunakwa kakhulu kakhulu kunengikwazi ukuyinika, nangaphezu kwabaningi noma imuphi umuntu emhlabeni obengakwazi ukuyinika. Kodwa ngithanda ukuzwakalisa kini umbono wami ngayo, futhi, ngalokho uNkulunkulu azosipha khona. Manje, kulena, ngukufundisa imfundiso. Nakubazalwane abangezwa leteyipu, ngithemba ukuthi ayizukuba ngukucunula, kodwa izoba ngekubangela ukuba uthathe lena kakhudlwana, ngaphansi kokufakelwa izibuko, njalo. Ukuthi beniyoyifundisisa ngomkhuleko, ngokucophelela, futhi uyikale esikalini seZwi likaNkulunkulu, ukubona ukuthi ngabe Kuba yiZwi likaNkulunkulu noma qhabo.

13 Ngokuba ngikholwa ukuthi yileyondlela esimele senze ngayo njalo, kala izinto ngeZwi, ngoba iZwi yiyonaNto kuphela eyokwazi ukuma. UJesu wathi, "Kuyakudlula kokubili izulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ladlula." Yingakho ngiLikholwa, futhi ngiLikholwa ukuba luhlelo lukaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi Lelo ngumsebenzi kaNkulunkulu osuqediwe ulotshwe eZwini. Ngakho-ke, ukuthi uma noma yini iyophambana kuleloZwi, bekungeke kwaba nguNkulunkulu noma icebo likaNkulunkulu. NgiLikholwa ukuba luhlelo. Manje, uMoya kaNkulunkulu eZwini wenza iZwi

liphile qobo lwaLo, lizilingise Lona uqobo. Lenza iZwi liphile, njengembewu.

14 Manje, owesilisa wokuqala nowesifazane wokuqala ensimini yase-Edeni wayesekuzwaneni okuphelele noNkulunkulu, kakhulu kakhulu ngangokuba uNkulunkulu wayengehla noma ngasiphi isikhathi Ayefisa ngaso futhi umlomo nomlomo noAdamu benoEva. Manje, lobo ngubunye obuphelele, uNkulunkulu nendalo yaKhe, uNkulunkulu ekhuluma umlomo nomlomo noAdamu benoEva. Futhi babesekuzwaneni okuphelele kakhulu noNkulunkulu baze babamunye noNkulunkulu. UNkulunkulu nomndeni waKhe wayemunye.

15 Noma iyiphi indoda nomndeni wayo, okahle, olungile, onesithunzi, umndeni othobile munye komunye nomunye, noma yimuphi umndeni. Futhi uma kukhona okuthile emndenini okuwuhlakazayo, khona-ke awulungile, umndeni uhlukene ndawo ndawo. Bebefanele bonke babemunye, ubaba kanye nomama, umama kanye nobaba, abantwana kanye nomzali, umzali kanye nabantwana, bonke ekuvumelaneni. Futhi, uma nibona lokho, niyobona isithombe esisodwa esithandekayo.

16 Leyo inhloso kaNkulunkulu. Nenhloso yaKhe njengoBaba, ophakeme, wayefanele abemunye nomndeni waKhe, umndeni wasemhlabeni, uAdamu noEva. Nendlela kuphela ababengaba munye ngayo nomndeni, noma noNkulunkulu, kwakungoba imvelo kaNkulunkulu yayikubo. Ngakho lokho kwabenza baba nemvelo kaNkulunkulu kubona, bese kuthi-ke komunye nomunye noNkulunkulu, bonke babamunye. Akusiso leso isithombe esihle, uNkulunkulu esemndenini waKhe, uBaba phezu konke, ophakeme! Akukho kufa, akukho sizi, akukho ukuphathwa inhliziyo, akukho lutho; injabulo nje engakhulumekiyo; ungasoze wagula, ungasoze waphathwa inhliziyo, ukuba munye nje noNkulunkulu! Isithombe esinje pho! Ngoba, yona impela imvelo kaNkulunkulu yayikulababantu. Futhi ngakho-ke, abakwenzayo, balandela nje emgqeni noNkulunkulu, noNkulunkulu enabo wabenza babamunye.

17 Manje, uJesu wakhuleka, kuJohane, isahluko se 17 nevesi le 11, kinina enibhala phansi lemibhalo kaSonto sikole. Nginemininingi yayo kulokhu ukusa. UJohane 17:11, uJesu wakhulekela ukuthi iBandla futhi Uyoba munye njengoba Yena noBaba babemunye. Ukuthi iBandla, thina njengamalunga oMzimba kaKristu, siyoba munye, ndawonye, njengaYe noBaba bemunye. Futhi ngalolosuku siyokwazi ukuthi WayekuBaba . . . UBaba ekuYe, naYe ekithi, ukuthi ndawonye sasimunye. Ukuhlangana okunje pho, ubunye okuyoba yikho, ukubona uNkulunkulu eseBandleni laKhe kuze kuba lonke ilunga lisekuzwaneni okuphelele nje kwelinye nelinye noNkulunkulu.

Lelo yiBandla uJesu alizelayo. Lapho yilapho umkhuleko waKhe uzophendulwa khona, ukuthi sizoba munye.

18 Futhi iyona kuphela imihlabathi yenhlanganyelo ukuthi uNkulunkulu wake wawundlalela Yena uqobo neBandla laKhe, ngubunye baKhe kubantu. Leyo iyona mihlabathi yenhlanganyelo. Nendlela kuphela ongaba ngayo naleyomihlabathi ingokuhlangana, ukuhlanganiswa naYe phakade. Njengoba uhlangana nomyeni wakho, owesifazane ehlangana nomyeni wakhe, yisifungo kuze kube ngukufa. Manje, manje-ke ngenkathi uhlangana noNkulunkulu, yinto efanayo ukuthi ibandla lihlangane noKristu, kuze kube sihlukaniswa ngukufa. Bese kuthi-ke uma ungakaze wone noma wenze noma yini engalungile, uyohlanganiswa Phakade noNkulunkulu. Futhi ngukufa kuphela okungakususa kuNkulunkulu, futhi hhayi ukufa kwemvelo, kepha isono sokufa. Isono singukufa, nalokho kukususa kuNkulunkulu. Ngakho, ukuhlanganiswa naYe eMoyeni wamandla aKhe, ngukuPhila okuPhakade, uhlanganiswe Phakade noNkulunkulu. O, Ngifuna ukufinyelela kulokho emva kwesikhashana. Ukuhlanganiswa Phakade noNkulunkulu oPhakade, usekuzwaneni ngokuphelele naYe, nihlangene ngokuphelele ndawonye, iBandla ukuthi konke, kokubili uNkulunkulu neBandla laKhe, bamunye, bahlangene ndawonye.

19 Futhi uma nizoqaphela ukuthi uEva wahlanganiswa kanjani noAdamu, owesifazane waba yingxenye yakhe owesilisa. UNkulunkulu, niqaphelile kuGenesisi 1:27, Wadala umuntu wesilisa nowesifazane, Wabadala. Manje, umuntu wayeyi . . . bobabili owesilisa nowesifazane uma sekuza ekubeni semoyeni wobufazane nowobulisa. Khona-ke uNkulunkulu wathatha ohlangothini lwakhe u—ubambo. Naqaphela ingxenye yomzimba yayingumkhiqizo ovele komunye, kodwa hhayi umoya na? Ingxenye yomzimba yowesifazane yayingumkhiqizo ovela komunye, emva kokuba ukudala kwase kuqediwe, uNkulunkulu wathatha ohlangothini lukaAdamu ubambo wase enza owesifazane. Kepha hhayi umoya, umoya wawuyingxenye ka-Adamu, ngokuba wayeyikho kokubili indoda nowesifazane, fem- . . . ngokukhuluma ngokomoya, kokubili ubulisa nobufazane.

20 Manje, anisiboni isithombe esikhulu na? Thina, enyameni, sehlukile. Sinjengomkhiqizo ovela komunye, isidalwa esidaliwe, ngefindo lomshado elingcwele. Kodwa eMoyeni singamadodana namadodakazi, hhayi omunye umoya, kodwa uMoya kaNkulunkulu ophilayo. Sifana naYe, ebunyeni baKhe, esithombeni esiphelele sikaNkulunkulu ophilayo, ngoba siba ngamadodana namadodakazi. Ongahlukanisiwe, kodwa uMoya ofanayo, uNkulunkulu ofanayo, uMuntu ofanayo, ohlanganisiwe ngefindo lomshado ePhakadeni. Bonani ukuthi uNkulunkulu wakuhlela kanjani ukuthi asifanele singafani, kepha Yena!

Hhayi ezinye izidalwa zolunye uhlanga, kodwa ukuhlangana kwangempela nenzalo kaMninimandla onke, kwenziwe ngokuhlangana okungcwele. Manje, umzimba uvela kumama nobaba, kodwa uMoya uvela kuNkulunkulu, uNkulunkulu ezahlukanisa Yena uqobo njengoba uAdamu wahlukaniswa.

21 NgoSuku lwePhentekoste, sithola uMoya oNgcwele, iNsika yoMlilo, izihlukanisa Yona uqobo futhi ihlala phezu kwelunga ngalinye laleloBandla, uNkulunkulu ezihlanganisa Yena uqobo! Bese kuthi-ke naleloqembu labantu ndawonye, kwenzani na? Kubuyisa uMzimba ohlanganisiwe weNkosi uJesu. Uhlangana!

22 Futhi namhlanje kulokhu kuhlukana okukhulu esiphila kukho, ukwahlukana ngokobuhlelo nezinto, ichilo elinje pho, ihlazo elinje pho!

23 Ngihlanganisiwe ngefindo lomshado laseZulwini kuNkulunkulu waPhakade, ingxenye yaKhe, ingxenye kaNkulunkulu. Enyameni ngiba nguBranham ngenxa kababa wami, uBranham. Uba yingxenye kababa nomama wakho, kepha emoyeni siba sekuhlanganeni noNkulunkulu, yingxenye kaNkulunkulu. Yingalesosizathu ukuthi umoya ungeke wafa. "Okholwa yiMi unokuPhila okuPhakade. Futhi emfanekisweni okungukuthi ulapha emhlabeni, futhi emfanekisweni wakhe, Ngiyomvusa ngezinsuku zokugcina." Hhayi isidalwa esingumoya, ngokuba siyoba nomzimba njengoMzimba kaNkulunkulu okhazimulisiwe, uMzimba okhazimulisiwe weNkosi uJesu, uvuswe kuLowoMfanekiso.

24 UJesu wathi, eya ethuneni likaLazaru, "Ngingukuvuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efa, uyakuphila. Nophila akholwe yiMi akayikufa nokufa. Okholwa *yi*Mi, hhayi *ki*Mi, kepha *yi*Mi." U*ku*Ye, ukholwa! "Uma nihlala kiMi namaZwi aMi ekini." KuYe, ukholwa! O, he! Ngithemba ukuthi uMoya oNgcwele uzikisa lokho kini. Manje, ningumhlambi omncane, yingakho evikini, ngikhuleka futhi ngicela uNkulunkulu, ngikhethe lombhalo, ukunikhombisa ukuthi simi kuphi. Sikholwa nguYe. Ningeke nakholwa kuYe kuze kuba ningena kuYe, noma, Engena kini, khona-ke nikholwa nguYe, khona-ke ninokuPhila okuPhakade. Nikholwa *ku*Ye kuze kuba nimukela ukuPhila okuPhakade, bese kuthi-ke ukuPhila okuPhakade ngukuPhila kukaNkulunkulu kini, khona-ke nikholwa *ngu*Ye.

25 "Nina kiMi, Mina kini. Ukuba babe munye, uBaba, njengoba Wena naMi simunye." UNkulunkulu ekuKristu, uKristu eseBandleni. Niyabo? "Njengoba simunye, kanjalo bamunye." Manje-ke ningaba kanjani munye na? "Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi ekini." Niyabo, hlalani! "AmaZwi aMi ekini, khona-ke celani enikuthandayo." Ngokuba akusesini, yiZwi elikini, neZwi linguNkulunkulu.

26 Manje, iZwi likaNkulunkulu liyiNkemba. AmaHeberu, isahluko se 4, asho kanjalo, amaHeberu 4:12. Manje, liyiNkemba.

Nenkemba ayisebenzi ngokuphelele uma ingadedelwa ngesandla noma amandla. Futhi i. . . kodwa kuthatha isandla ukubamba iNkemba. Futhi thatha isandla esibambe leNkemba, yisandla sokukholwa.

27 Manje, lesosandla sokukholwa, kuncika ekutheni siqine kangakanani. Lesisandla sokukholwa singahle siqine ngokwanele ukusika imbobo encane idlule ebumnyameni bese uthi, “Ngokukholwa ngisindisiwe.” Lokho ngukusika okukhulu, kodwa, manje-ke, uma lokho kuyikho konke ukuqina lesosandla esiyikho ukudedela leyoNkemba, yilokho konke engakusika. Kodwa, uma kuyisandla esiqinile, iyosika ithi ngqu idlule kuyoyonke into udeveli angayiveza lapho, yenze sonke isithembiso sikaNkulunkulu sikhanye phambili emandleni ovuko lwaKhe. Uma kuyisandla esiqinile sokukholwa, “Izinsuku zezimangaliso! UJesu Kristu, unguye izolo, namuhla, naphakade,” isika indlela yayo yedlule. Kuncike emandleni esandla ngemuva kweNkemba.

28 NeNkemba ibukhali ngokuyinala. AmaHeberu 4, athi, “Libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili ehlaba iza ehlaba ihamba, lahlukanisa ngisho u—umnkantsha, namalunga, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo.” Liya ngale kokuphathekayo, lingena emazingeni okomoya futhi licoshe imicabango yenhliziyo futhi liyambule. UMoya kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu.

29 Manje, leloZwi liyosika lingene lapho uma kunengalo eyanele ngemuva kwaLo ukuLifuqela phakathi, iyothola indawo yaLo futhi ihlabe sonke isithembiso siphume bese sikunike Lona, uma nje unengalo eqine ngokwanele emva kwaLo. INkemba, Icoshe ngengalo—ingalo yokukholwa! Ixhakathise ithi ngqi, ubambelele kuYo bese uya ebusweni besitha. Singake size kanjani lesositha esingasokiwe sime ebuKhoneni bukaNkulunkulu oPhakade na? Ngakho, uthatha iNkemba yeZwi, futhi sonke isithembiso singesakho. Ithabathe ngesandla esiqinile sokukholwa, qhubekela phambili! Uma udinga ukuphiliswa, kusike kuphume ngeZwi, “UJesu Kristu, unguye izolo, namuhla, naphakade.” Uma udinga insindiso, sonke isithembiso eBhayibhelini singesakho. Silele emuva phakathi lapho noSathane uzama ukusifihla, kodwa thatha iNkemba futhi ufuzule udlule ebumnyameni kuze kuba ukuKhanya kukaNkulunkulu kukhanya phezu komphefumulo wakho futhi unesithembiso. Uzokwenza.

30 UAdamu wayeyingxenye ka, noma, uEva wayeyingxenye ka-Adamu, wayeyinyama yenyama yakhe nethambo lethambo lakhe. Futhi yilokho ukuhlangana okuyikho kuyikho. Futhi yilokho ukuhlangana okuyikho kweBandla kuyikho, uMoya woMoya waKhe, iZwi lamaZwi aKhe. Ungalinge neze uphambuke eZwini, ikholwa leqiniso langempela lingeke laxegisa kunanoma yiliphi iZwi. Khumbulani, kwakuyiZwi

elilodwa kuphela uEva axegisa kulo, iZwi elilodwa. Kodwa ikholwa leqiniso lingeke laxegisa kunanoma yiliphi iZwi. Liyobamba iNkemba yokuKholwa nge . . . ngokukholwa, njalo, iNkemba yeZwi, futhi libiza sonke isithembiso sobuNkulunkulu uNkulunkulu asenzayo. Kunjalo.

31 Babeyizibonelo zikaNkulunkulu kithina, ebesifanele sibe yikho, bona, ohlale ekhona, ongahluleki neze. Ngenkathi bakhuluma, uNkulunkulu waphendula. Wabaqapha, nsuku zonke. Ubusuku, ngenkathi babeyolala, Wabaqapha. Ngesikhathi sasemini, Wabahola, wabondla, wabathanda, waxoxisana kanye nabo njalo njalo, ngasosonke isikhathi. Babesemfanisweni kaNkulunkulu, noNkulunkulu wayekubo. Yilokho okwenza inhlanganyelo. Yilokho okwenza ukuhlangana, nguNkulunkulu eBandleni laKhe. Lokho yinhlanganyelo. Kuningi obekungashiwo, sinezindawo eziningi ukuya kuzo. Ukuhlangana naYe, ngukuPhila okuPhakade. Nendlela kuphela esingahlangana naYe ngayo ngukuza ngayo yonke ingxenye yeZwi laKhe. Kunjalo, thatha sonke isithembiso futhi uLikholwe.

32 Manje, uEva wayehlanganisiwe kwaze kwaba wephula iZwi elilodwa, noma, wangabaza iZwi elilodwa ukuthi liyiqiniso. Lokho kwamehlukanisa. Lonke iZwi, "Umuntu akayikuphila ngesinkwa kuphela, kepha ngawowonke amaZwi!" Ngakho singaba kuNkulunkulu, sihlangene, ngoba uAdamu noEva, ngaphambi kokuwa, phambi kokulikholwa ngokungesikho iZwi, kwakuyisibonelo salokho ebesifanele sibe yikho kuYe. Ukuhlanganiswa naYe, ngukuPhila; ukuhlukaniswa kuYe, ngukuFa. Manje, uma silandela imiyalo yaKhe!

33 Siyazi ukuthi siyawenza amaphutha, kodwa asifanele sibuke kulokho. Akusiwo amaphutha enu, ngoba niyohlala njalo ninawo. Kodwa, niyabo, ngukulandela iMithetho yaKhe, ukulandela athe Asikwenze. Ukukhubeka nokuwa akunanto nayinye ukwenza ngaLo. Inceku yeqiniso ngampela, uma ikhubeka, iyovuka futhi. Uma ecathula, uNkulunkulu umdonsa ambuyisele ngqo endleleni yezinyawo, inqobo nje uma esesendleleni yezinyawo yomsebenzi. Kodwa uma ephumile endleleni yezinyawo yomsebenzi, uNkulunkulu akabophezelekile kuye. Kodwa inqobo nje uma esendleleni yezinyawo yomsebenzi, uNkulunkulu ubophezelekile kuye, azi ukuthi ungowesilisa nje noma owesifazane. Ubophezelekile kulowo muntu inqobo nje uma besendleleni yezinyawo yomsebenzi.

34 Manje, iBandla manje lithembisene noKristu umshado. Umshado awukaze ubekhona nokho, uyoba seSidlweni sakusihlwa soMshado weWundlu. Ngakho, siyabona ukuthi iBandla manje selithembisile, njengendoda ithembise umkayo. Wenzani uma besathembisene na? Ubekela nje zonke izinhlobo zezinto, emthumelela izipho, emenza azizwe

ekahle. Awu, yilokho uKristu akwenzayo eBandleni kaKhe. Usithumela izipho zikaMoya. Ungethembisa kanjani-ke uma usaphika lezizipho zisebenza na? Wuphawu lothando impela. UPhawu lukaNkulunkulu eBandleni. UJesu washo njalo, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

35 Manje, gcina lezozinto emqondweni. IBandla kumele likholwe yilolonke iZwi, sonke isithembiso, lonke ichashazi, futhi bazibizele Lona, futhi bazijwayeze ngaLo. Ukuba ngangithembise intombazane, futhi ngangiyindoda engashadile, futhi bengiyoyithumela okuthile, indandatho yesethembiso somshado, futhi ingayigqoki, manje-ke lokho kukhombisa ukuthi ayingikholwa. A—a—ayifuni ukuba ngumlobokazi wami. Futhi uma uKristu ethumelela ibandla laKhe isipho Asethembisa, futhi bayazala futhi bathi "azinjalo," abafuni ukuba uMlobokazi kaKristu. Baqome esinye isithandwa, futhi hhayi uKristu, uMyeni. Ngakho iBandla langempela ligcina isithembiso, futhi ligcina konke, futhi lemukela izipho uNkulunkulu abathumelela zona. Kulungile.

36 Manje, izidalwa ezingabantu zokuqala zazisukela zona enhlanganyelweni ekukholweni uNkulunkulu, ngokukholwa ngokungesikho iZwi laKhe futhi zilalela amanga kadeveli. Manje, leyo yinto yokuqala eyasusa inhlanganyelo lenhlanganyelo emangalisayo. Manje bukani, uAdamu noEva endaweni yokungasoze wafa, endaweni yokungasoze waguga, ukungasoze ugule, ukungasoze ube nokukhathazeka.

37 Wena uthi, "Ngifisa ngempela ukuthi bengingaba njalo." Ake. . . Nginiphathele izindaba, nisendaweni efanayo. UNkulunkulu ubeka lokho kusosonke isidalwa esisemhlabeni, endaweni efanayo.

38 Sasiyini isivumelwano na? "Uma nigcina amaZwi aMi! Uma, iZwi laMi, uma niLigcina, niLikholwe futhi niLenze!" Kodwa sona impela isikhathi sokuqala ukuthi uEva wakholwa ngokungesikho, wasusa iZwi elilodwa kulokho uNkulunkulu ayekushilo, kwanqamula inhlanganyelo nalokho kuhlangana okukhulu. Nomzuzu ukuthi ibandla likholwa ngokungesikho noma yiliphi iZwi elilodwa eBhayibhelini likaNkulunkulu, futhi liLibeke kwenye indawo, khona-ke banqamula leyonhlanganyelo emangalisayo enikezwe bona, futhi behlukaniswa. Masinyane nje esenze lokho, ukufa kwangena ezidalweni ezifayo. Kungesikho kuphela okwakhe okunokufa, kepha isidalwa sokomoya. Wanqamula ubudlelwano noNkulunkulu, umzuzu ngenkathi ekholwe ngokungesikho. Futhi akukho muntu ongakholwa. . . Nakhu! Akekho owesilisa, akekho owesifazane onga—ongakholwa amanga kadeveli kuze kuba sebekholwe ngokungesikho iQiniso likaNkulunkulu. Akekho noyedwa ongakholwa amanga kadeveli kuze kuba bakholwe ngokungesikho iQiniso likaNkulunkulu. Ngakho, uyabo, Eva, Adamu, kusibekaphi kulokhu ukusa na?

39 Manje asicabange singadlali, ngoba asisoze sisakwazi ukuphinda sicange emva kwalokhu, emva kokuba lempilo efayo isiphelile. Ukucabanga kwenu kumanje. Ningeke nikhethe emva kwalokhu, kufanele nikhethe manje, ngokuba lolu usuku lokukhetha, ukwenza ukukhetha kwakho. Manje owesifazane, iZwi elilodwa, hhayi yonke iDecalogue, iZwi elilodwa nje vo, owesifazane wabuza uNkulunkulu ngoba kwakwethulwe kuye kulokho kukhanya, ukuthi leloZwi lalibuzakala. IZwi likaNkulunkulu angeke labuzwa, Uhlose nje lokho Akushoyo. Kodwa owesifazane waLibuza ngoba lalethulwe kuye, "O, uNkulunkulu ngempela wayengakuhlosanga lokho." Kepha Wayehlose lokho! UNkulunkulu uhlose lonke iZwi Alishoyo. Futhi aLidingi nanoma yikhuphi ukuzihumushela ngokwakho, Lingendlela ALisho ngayo.

40 Awu, uthi, "Wazi kanjani ngeBhayibheli." Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu wami uliqondisile leliBhayibheli, Uqapha iZwi laKhe. Wayazi ukuthi abangakholelwa ekutheni uNkulunkulu ukhona nabahedeni bayovuka ngezinsuku zokugcina, ngakho UbeLiqaphile. Lena iyona ncamashi indlela uNkulunkulu aLihlosa ngayo. Yindlela eLiyilo kithi manje. Manje sifanele siLikholwe. Ukususa iZwi elilodwa kuLo, futhi silahlekelwa yinhlanganyelo yethu, uchezukela e—ekufeni, ukwahlukana kwaPhakade kuNkulunkulu, njengoba uAdamu noEva benza. Sifanele silikholwe iQiniso likaNkulunkulu.

41 Ake ngenze lokho futhi. Ningalikholwa ngokungesikho nanoma yiliphi iZwi likaNkulunkulu leBhayibheli. Kodwa nje ungasho ukuthi, "Yebo, ngiyaLikholwa." Uthi "kodwa"? Qhabo, akukho lutho ngalokho. Likholwe, uyoLamukela. Uma uLibeka eceleni, uthi, "Awu, ibandla lami aliLikholwa ngaleyondlela," khona-ke awukholwa ukuthi LiyiZwi likaNkulunkulu, futhi uyohamba ngaphansi kokulahlwa ngecala okufanayo uEva ahamba ngaphansi kwakho. Uzahlukanise wena uqobo ePhakadeni uma ubenethuba lokuhlanganiswa naYe. Manje, khumbulani, Lelo lingeke labuzwa, ngoba kwaba yiZwi elilodwa, ukuthi, eZwini likaNkulunkulu.

42 Futhi, manje, uma uNkulunkulu nje wayena—amaZwi ambalwa lapho ukuthi abantu bafanele bahloniphe, futhi kulawomaZwi ambalwa elinye lawo labekwa ngokungesikho, kwabangela ukufa, bukani emaZwini esinawo namhlanje! Niyabo? Sifanele semukele wonke, sibambelele kuwo futhi singene kuwo njengezithembiso zikaNkulunkulu. Nonkosikazi weqiniso kaNkulunkulu uzokwenza lokho, othembisiwe eqomile ngempela. Manje, ngiyethemba ukuthi lezizinto ezincane zihamba zijule manje ukuze sikwazi ukuzibamba.

43 Kwakuyini into yokuqala eyabangela uEva ukuba alikholwe ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu na? Kwakungoba uSathane wamethembisa ukuhlakanipha okuningi, "Uyohlakanipha." Manje, niyabo, isintu sihlala njalo

silangazelela okuthile. NoEva wayelangazelela ukuhlakanipha okuningi.

44 Manje ake sime okomzuzu nje. Leso akusiso isimo sezwe namhlanje na? Bafuna ukuhlakanipha okuningi, iklasi elingcono, ukufundiswa okuphezulu, befuna okuthile okwehlukile, ukuhlakanipha okuningi. Yilokho uEva akufuna. Kodwa ake ngisho lokhu futhi, ukuthi akukho kuhlakanipha okungedlula okukaNkulunkulu, nokho Lisesimweni sokuthobeka ukuthi abantu bayaLigeja.

45 USathane, njengoba ngishilo isikhathi esiningi, uyabenyezela, kepha iVangeli liyakhazimula. O, kunomehluko omkhulu phakathi kokubenyezela nokukhazimula. IHollywood iyabenyezela, kepha iBandla liyakhazimula ngamandla nothando lukaNkulunkulu. IHollywood iyabenyezela. Umehluko omukhulu phakathi kokubenyezela nokukhazimula. Asifuni ukubenyezela. Sifuna ukukhazimula.

46 Namhlanje, kubi kakhulu ukucabanga lokhu, kodwa amabandla azama ukwencika phezu kokuqonda kwawo, ncamashi nje njengoba kwenza uEva. Wacabanga, ngoba kwathulwa kuye, kwakubukeka kuyikho kakhulu. O, ungahluleki ukuthola lokhu. Kwakubukeka kuyikho kakhulu, okuthile okwakunganezelwa kulokhu uNkulunkulu ayekushilo. Kwakubukeka ngathi wayezoba nokuthile uNkulunkulu ayengamtshelanga nje ukuthi wayengahamba kade kangakanani. UNkulunkulu wayengamnikanga umugqa womncele njengoba Abeka ulwandle futhi lungeke ludlule ngoba inyanga iluqaphile. Wacabanga . . . Owesifazane wacabanga ukuthi uSathane wayenokuthile ebholeni, njengoba sisho, ukuthi wayengaba sekuhlanganeni futhi noNkulunkulu, futhi nokho abe smati kakhudlwana, wayeyoba nemfundo engcono. Kodwa uNkulunkulu wayembiyele ncamashi nje kulokho ayenesidingo sakho.

47 Futhi Wabele ebandleni into efanayo. Lokho akusikho ukusonta kwekolishi lezenkolo, noma ukungena noma ukusontela ngaphandle kwe—isikole seBhayibheli. Kodwa Liyilokho ncamashi okulotshiwe, no ISHO KANJE INKOSI! Ungeke waLiguqula! Kodwa amabandla ancika ekuqondeni kwawo. A—acabanga ukuthi mhlawumbe yi . . . kunokuthile okuqondiswe kubo, futhi kuyakhohlisa.

48 Bengifanele ngime lapha umzuzu. Izwe lonke lisekeleke kulokho. Wonke umnotho walesisizwe wesekeleke phezu komqondo wamanga. Nginitshela ihlaya elincane ngami uqobo, akusilo ihlaya; kodwa niyazi ukuthi sonke siyawathanda amakhosikazi ethu, noma, besifanele. Futhi ngangibuka uhlelo lapha ngesinye isikhathi esedlule phandle eNtshonalanga, sekube isikhathi eside esedlule, cishe iminyaka emithathu. Futhi egumbini lami ngokunye ukusa ngavuka, futhi

kwakukhona ithelevishini ibekwe egumbini. Futhi ngacabanga, "Kubukeka njengesimo sezulu esibi." Futhi ngacabanga, "Awu, ngelesishiyagalombili nqo babefanele babe nezindaba." Futhi ngangine manuwali encane, yathi izindaba ngesikhathi esithize.

49 Ngavula izindaba, futhi ngenkathi ngisezwa izindaba, khona-ke ngaqaphela ukuthi maphakathi nendawo kokusakazwa kwezindaba banqamula ukuba bakhangise olunye uhlobo lwezimpahla, olunye uhlobo lokokuhlanza. Futhi kwathi, "Awudingeki ukuba uphinde uhlambe izitsha zakho, nenekazi. Into kuphela oyenzayo ngukuzicwilisa phansi emanzini futhi usiyeke sihlale lapho imizuzu ethi ayibe mibili, usiphakamise bese usibeka ebhodini lokuvuzisa amanzi, konke sekuhambile."

50 Ngacabanga, "Ngizoba iqhawe uma sengifika ekhaya." Ngabhala igama lakho phansi, lento ethile. Ngathi, "Ngizotshela umkami, 'Buka ukuthi ngingenzani!'"

51 Ngakho ngahamba futhi ngathola ibhodlela lalonto *ethize-thize*, futhi ngayiputshuzela yonke emanzini. Ngamtshela ukuba aqhubeke nokushanyela indlu, ngizomlungisela khona. Ngakho ngathola ipuleti labantwana futhi ngahhala izimvuthuluka, nokunye nokunye, namaqanda enamathele kulo, ngase ngiliqathazela phansi emanzini futhi ngaliyeka lihlale imizuzu emibalwa, ngase ngiwacosha ngiwakhipha ngase ngiwabeka phezulu lapho. Kwakunenqwaba yeqanda kuwo esenjengoba lalinjalo ngenkathi ngilifaka phakathi lapho. Niyabo, nga—ngabe ngalahlekelwa . . . Umkami ngabe walahlekelwa ukungethemba ngalesosikhathi.

52 Niyabo, kungani isizwe, kungani lezi . . . lesisizwe sivumele abantu badukiswe na? Lokho bekungafanele kuvunyelwe ukuba kushiwo kanjalo. Lokho bekufanele kuphambane nomthetho. Mayelana nesikhangiso sikasikilidi wesimodeni, ihlazo elinje pho, "Akukho ukukhwehlela emthwalweni wemoto," zonke izinhlobo zakho. Lokho bekungafanele kuvunyelwe. Kwenzani na? Kuyadukisa. Kunokufa ngamunye wayo. Kunokufa ekuphuzeni ugologo; ukudlwengula, ukubulala ngamabomu, ukuhlanya, ebhodleleni. Kepha nokho siyavunyelwa ukukufaka ezinhlelweni zethu futhi sikukhangise njengo "Hlobo umkhulu ayeluphuza. Ukuthokoza okuningi okuvela empilweni," izinhloso ezithile zeziphuzo zikabhiya notshwala. Kuyini na? Kuyadukisa. Kubeka okuthile phambi komphakathi ukuba bazibulale ngakho. Futhi sivunyelwe ukukwenza.

53 Futhi ake ngiphendulele lokho khona emuva ngqo. Namabandla ngezimfundiso ezingaphikiswa ezenziwe ngumuntu, izivumokholo ezenziwe ngumuntu kwethula ingaphambili elikhulu kubantu, futhi bayakuthanda, okungukuthi ngukufa. Alikho ibandla eliyohlanza umphefumulo wakho. Asikho isivumokholo esingahlanza umphefumulo wakho. Kuphela iGazi likaJesu Kristu

elingahlanza umphefumulo wakho, ikhambi likaNkulunkulu, Lisekeliwe. Ngakho kungamanga nje, kodwa abantu bencika phezu kokuqonda kwesazi, futhi bafa ngakho. Nabantu namhlanje bencika phezu kokuqonda kwe—kwezivumokholo namahlelo, nezigidi njengezingulube ezihlatshiwe bangena shi endleleni yabo eya emgodini ongenamkhawulo wesihogo. Kuyihlazo kanjani pho. Siyenqatshelwa ukuba sencike phezu kokwethu ukuqonda. Singeke sazama.

54 Wena uthi, "Ubungafanele umkhandlu wendoda ukwazi ukusho okuningi ngaLo kunomuntu oyedwa na?" Hhayi uma lowomuntu oyedwa esho iZwi likaNkulunkulu. Kwakunabaprofethi abangamakhulu amane ngesinye isikhathi abenyukayo ngaphambi kwamakhosi amabili, futhi bancika ngaphezu kokuqonda kwabo. Kepha kwakunoyedwa owahlala neZwi likaNkulunkulu futhi kwafakazisa ukuthi wayeqinisile, uMikaya. Kulele ekutheni ngabe yiZwi likaNkulunkulu. Noma yini ephambene neZwi iliphutha, iza ekufeni. Akukho ukuhlakanipha okungedlula ukuhlakanipha kukaNkulunkulu. Ungosmati kakhulu kubo bonke abasmati. Ungu—UnguMthombo. Uyisona sisusa sokuhlakanipha. Wonke amazwi omuntu angubulima namanga, kepha akaNkulunkulu, uma ephambene nakaNkulunkulu. Manje, uma umuntu esho iZwi likaNkulunkulu, khona-ke a—akusesilo izwi lomuntu, yiZwi likaNkulunkulu. Niyabo, akusikhona ukuqonda komuntu.

55 USathane uyokwenzela zonke izinhlobo zezithembiso, kodwa akanalutho ukukunika lona, ngoba akanalutho. Akanansindiso. Yini uSathane na? Noma yini ephambene neZwi. Akanansindiso, akanakuKhanya. Umbuso wakhe ngubumnyama, isiphetho emva kwalokho ngukufa. Ubumnyama nokufa ngumbuso kaSathane. "Mfowethu Branham, kuphinde futhi. Yini umbuso kaSathane na?" Noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu.

56 Manje, lokho kuyasika, kepha yisikhathi sokusika. Niyabo? Ingatsha, umuthi, uma uzothela, ufanele uphundlwe. Yisikhathi.

57 Noma yini ephambene nemithetho kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu, akusiye uNkulunkulu. Kuyini, yini isono na? Ngukulunga kuphendukezelwe. Yini ukufa na? Ngukuphila kuphendukezelwe. Yini umbuso kaSathane na? Noma yini ehlela okuthile ukuba kuthathe indawo yeZwi, noma yini, noma yikuphi ukufundisa. Izwi elilodwa, izwi elilodwa nje. Ungahle ukholwe yiyo yonke ingxenye, uEva wakholwa yiyo yonke ingxenye yaLo kuleloZwi elilodwa. LeloZwi elilodwa yikho konke ayekudinga ukuba alikholwe ngokungesikho. LeloZwi elilodwa yikho konke okudingayo ukuba ukholwe ngokungesikho.

58 Manje ake sikubuke. Indlela kuphela ukuba uhlale enhlanganyelweni yobuNkulunkulu, kwakungukuba ugcina leloZwi. UNkulunkulu wathi, "Niyakwenza *lokhu*. Aniyikwenza *lokhu*. Niyakwenza *lokhu*, futhi ningenza *lokhu* futhi nenze *lokhu*. Kodwa ningakwenzi *lokhu*." Manje, ucwezwana olulodwa lomyalo angaluhloniphanga, futhi waqala yonke into. Ngoba wenza lokho, kwenza wonke umntwana olambile owake waba sezweni, bonke ubuhlungu bokufa, lonke usizi, bonke ubuhlungu benhliziyo. Wakwenza ngaleyonkathi. Into esabeka kanje pho, ukukholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu. Wonke umuntu obubula ebuhlungwini bakho konke ukufa obake babakhona noma obuyoke kube khona, wakwenza ngaleyonkathi. Wonke umntwana omncane ongazalelwanga emshadweni, wakwenza ngaleyonkathi, wonke umntwana owazalwa ngaphansi . . . ngaphandle kwefindo lomshado. Sonke isono esake senziwa, owesifazane wakubangela khona lapho ngokugcina lonke iZwi khona ngqo ezansi kodwa indawo eyodwa encane lapha. Wa—wazindla. Nje u . . . Akakuzibanga. Wayekwazi, kodwa nje u . . . Wayengeka ukwenza okuthile okungcono ngoba wathenjiswa iklasi elingcono labantu, ukuhlakanipha okungcono, ukwazi kakhulu ngaLo uma ubeyokwenza *lokhu*. "Abefundisi bethu bafunde kangcono. Sineklasi elingcono."

59 Alikho iklasi elingcono labantu ezweni kunalabo abagcina iZwi likaNkulunkulu. Lokho ngokuhle okwedluka konke. Lelo yilona klasi kuphela uNkulunkulu alibukayo. Isikhashanyana nje futhi mhlawumbe uNkulunkulu uzosivumela singene kukho.

60 Umbuso wakhe ungethembisa lutho ngaphandle kokufa. Yilokho kuphela anakho. Ungumqalisi wokufa. Angethembisa amanga ngoba ungubaba wamanga. Angeke akunika ukuPhila. Angeke akunika iZulu, akanaZulu ukukunika lona.

61 Kucabangeni! IZwi elilodwa, ukukholwa ngokungesikho uNkulunkulu ngesithembiso sikadeveli noma umshini wakhe, iZwi elilodwa, likuthumela ekuhlushweni. Yileyondlela okwaqala ngayo. Futhi uma uNkulunkulu, emseni waKhe njengoba Enjalo, ubeyothumela leliqulu lesihogo phezu komhlaba, futhi abangele abantwana abancane abalambile, zonke izinhlobo zokubuhlungu, nabantu ababulawa yindlala, nokufa emhlabeni, ngoba iZwi elilodwa, ekuqaleni, Ubengeke aleqe futhi wangenelela esuka ekubeni naso sonke lesisixuku sokuhlupheka na? Wayengekwenze na? Ngakho-ke uma Engahoxisanga iZwi elilodwa lapho, azi ukuthi lokhu bekuyoba ngumphumela, kakhulu kangakanani Engezuhoxisa elilodwa iZwi lapho lapho umuntu ngamunye ezoba isihlupheki eyedwa, okholwa ngokungesikho. Kucabangeni, yinto enkulu kakhulu.

62 Manje, ngenkathi uAdamu noEva balalela emangeni kadeveli, umfanekiso ongcwele kaNkulunkulu wabashiya, inhlanganyelo yabo yanqanyulwa noNkulunkulu. Inhlanganyelo

yabo yobunye noNkulunkulu yanqanyulwa. Ngawo impela umzuzu balalela emangeni kadeveli, lokho kwanqamula inhlanganyelo yabo. Futhi wona impela umzuzu olalela ngawo amanga kadeveli, kuyonqamula inhlanganyelo yakho. Lowo ngumzuzu impela ukuthi uyaphuma ebukhoneni bukaNkulunkulu, njengoba owesifazane enza, yilapho uhluleka khona ukuthatha iZwi likaNkulunkulu njengoba Linjalo.

63 Manje bukani, ngifuna ukunibuza okuthile. Sonke siyazi kukhona uNkulunkulu. Futhi uma uNkulunkulu efanelene kakhulu neZwi laKhe, futhi enqume kakhulu ukuthi Uyohlulela abantu ngeZwi laKhe, khona-ke Uzofanele alondoloze iZwi ndawondawo ukuba ahlulele abantu ngalo. LeliBhayibheli yiLo. Ningakukhohlwa lokho. YiBhayibheli uNkulunkulu azohlulela abantu ngalo, ngokuba Lathi eSambulweni 22, "Oyosusa iZwi elilodwa kuLo noma enezele izwi elilodwa kuLo."

64 Niyabo, hhayi nje uthi, "Awu, ngi—ngiya esontweni. Ngiyakholwa. Ngi—ngi—ngikholwa uNkulunkulu." Ngani, wonke udeveli esihogweni uyaMkholwa. Zonke izinkolo zabo, wonke umuntu.

65 Kodwa kuthatha izwi elilodwa, elinqamula inhlanganyelo khona lapho. Iketango aliqinile kunasekuxhumaneni kwalo okubuthakathaka kunakho konke. Ikakhulu uma ubuthakathaka bakho kusekukholweni ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu, kulapho ofuna khona ukufaka ukuxhumana okusha, kuqine kunayoyonke indawo yalo. Uma ukholwa ukuthi uJesu Kristu uyasindisa, khona-ke ufanele ufake ukuxhumana phakathi lapho ukukholwa ukuthi Uyaphilisa. Uma ukholwa ngukuthi Wayenguye, ufanele ukholwe ukuthi Nguye. Haleluya! Uma ukholwa ukuthi Wayenguye, futhi umangala ukuthi Ukuphi, lokho kuxhumana kuyogqashuka, khona-ke ulahlekile. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Libukhuni, liqinile, kodwa yiQiniso. Ufanele uMkholwe, lonke iZwi, konke Akushilo.

66 Manje, wena uthi, "Awu, manje, Mfowethu Branham, kuthiwani ngalamahlelo na?" Awu, manje lalelani. Uma enaleliZwi, kulungile. Kodwa uma ephika leloZwi, khona-ke akulungile, ngudeveli futhi. Niyabo?

67 "Kuthiwani ngebandla *eliwukuthi-nokuthi* na?" Angazi ukuthi yini ngalelobandla. Into kuphela engiyaziyo ngayo yileliZwi. Manje, uzolikholwa kanjani lapho kunamahlelo ehlukene angamakhulu ayisishiyagalolunye nokuthile, futhi ngalinye lithi "ihlelo lethu lineQiniso ncamashi"?

68 Manje uyoya kuphi na? Uzofanele ube nokukholwa kokuthile. Awu, wena uthi, "Nginokukholwa kwiMethodisti, kwiBaptisti, kwiPresbyterian, kwiLuthela, kwiPentecostal, kwiKatolika," noma ngabe yini. Unokukholwa kuleyonhlangano, futhi, uma iphambene neZwi, wenza into

efanayo uEva ayenza. Ncamashi! Wenza ncamashi into efanayo ayenzayo, ukuthatha iZwi likaNkulunkulu futhi uLenze . . .

69 "Awu, kuneklasi elingcono labantu elihamba lapha. Yisakhiwo esikhundlwana. Bangamadoda asmati kakhudlwana." Lokho akunanto eyodwa ukwenza nakho. USathane usmati kakhudlwana kunoEva. Owesifazane akazange . . . wayengekho ngisho esithombeni. Kodwa wayengafanele ukuba abe smati, wayefanele ukuba alalele. Asifanele sibe smati. UJesu wathi abantwana balelizwe, noma, umbuso walelizwe usmati kakhulu, abantwana bobumnyama kunabantwana bokuKhanya. Sifaniswe nezimvu. Izimvu angeke zazihola zona, zizofanele zibe nomelusi wezimvu. UNkulunkulu akasifuni sismati, Usifuna ukuba sencike phezu kokuqonda kwaKhe, amen, nje lapho Aholela khona. Amen. Niyasibona isithombe na? Ningenciki phezu kokwenu ukuqonda. IZaga 5, 3. Ungenciki phezu kokwakho ukuqonda, ncika phezu kokwaKhe ukuqonda. Akunandaba ukuthi kubukeka kuphambene kanjani, nokuthi zibukeka kanjani izibani ezikhanya kakhulu phandle lapha, ungakunaki. Yencika nje ekuqondeni kwaKhe, lokho Akushilo iQiniso.

70 Manje, ubunye enhlanganyelweni yanqamuka phakathi kukaNkulunkulu nabantwana baKhe, umzuzu nje elikholwe ngokungesikho indima eyodwa encane, iZwi elilodwa elincane likaNkulunkulu. Wonk'umuntu othola lokho, makathi "amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Hhayi iBhayibheli; uthi, "Angilikholwa iBhayibheli sanhlobo. Ngikholwa uhhafu waLo." Wayefanele akholwe konke okwaLo, yonke ingxenye.

71 Hhayi lokho kuphela, kodwa ubunye phakathi komyeni nonkosikazi banqanyulwa. Angikholwa ukuthi kukhona noma yimuphi umshado ongaba yilokho obufanele ube yikho ngaphandle kokuhlangana phakathi kukamyeni nonkosikazi noNkulunkulu. Kunjalo. Bayokhulisa abantwana ezweni, futhi babenze amavezandlebe, babanike osikilidi, ugologo, badlale amakhadi emehlweni abo, baphuze utshwala phambi kwabo. Akunandaba ukuthi bathembeke kanjani ezifungweni zabo zomshado, lokho kungokocansi, lokho yinyama. Kodwa kunomoya phakathi lapho, lowomoya kababa nomama oyisoni, kungenandaba ukuthi bathembeke kanjani kubantwana babo, uyophuma kabi.

72 Awu, wena uthi, "Ngiyawazi amadoda nabesifazane abangazange babafundise abantwana babo lokho, futhi babengesiwona amaKristu." Yona impela into yokungabaholeli kuKristu kwakuyinto eyiphutha kunazo zonke abebengazenza ngaphandle kokunye; kungesikho ukubaholela kuKristu, niyabo. Ngakho ungeke waba nokuhlangana okufanele ngaphandle kwakho. Inhlanganyelo iphukile.

73 Manje-ke masinya nje lapho inhlanganyelo yase inqamukile phakathi kuka-Adamu noEva. . . Masinyane nje lapho inhlanganyelo yabo yanqamuka phakathi kukaNkulunkulu nabo, khona-ke inhlanganyelo yabo phakathi komunye nomunye yanqamuka.

74 Lalelani! Noma ngasiphi isikhathi ibandla linqamula inhlanganyelo yalo, ukuba lizilahlele enhlanganweni, inhlanganyelo yamakholwa isinqamukile. Sizofanele sikholwe nganhliziyonye, umqondo-munye, nakuvumelana-kunye. Yileyondlela ababeyiyo ngaphambi kokuba ukuhlangana kwake kwaze kwenziwa ngoSuku lwePhentekoste: inhliziyo eyodwa, umqondo owodwa, nokuvumelana okukodwa. Futhi uma uphonsela ibandla enhlanganweni, uzothola lonke uhlobo lokushayisana kukho. Ngoba, abanye balabobantwana phakathi lapho uzokholelwa nguNkulunkulu, bazobambelela entweni eyiyo, futhi abanye bazohamba ngenye indlela. Ngakho, awusenanhlanganyelo. Yebo.

75 Ini? Ukucabanga kwakhe kuguqukile. O, yebo, ukucabanga kwakhe kuguqukile. Ihlanganyelo yakhe nomyeni wakhe ibingalungile. Baqala ukudlulisela icala komunye. Niyabo? Ukucabanga kwakhe kwaguqulwa empeleni. Ngani na? Ubenempilo kadeveli phakathi kuye. Impela! Masinya nje angakholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu, wamukela ukuphila kukadeveli ngoba wamukele ukufundisa kwakhe.

76 Ngingenza lokhu kuqine kabi kakhulu khona lapha, kodwa kuseteyipini. Ngiqinisekile niyaqonda, iBandla.

77 Walikholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu futhi kwasusa ukubambisana kuye kuNkulunkulu, ngoba kuye ngayo leyonkathi kwakungukuphila kukadeveli. Wayekholwe amanga akhe, wathi, “Isithelo sinxanelekile,” futhi wayesezidlile zona naye. Kunjalo.

78 Angizukukubamba Lokhu, ngizoKuvumela kuze empeleni. Nje angikwazi. Ngolunye usuku eCalifornia, ngiqonde eArizona, ngangifundisa ebandleni. Angikaze ngisho lutho ngaphansi kokuphefumulelwa ukuthi ngake ngadingeka ngikubuyisele emuva. Ngakho abaningi babefundisi bafika kimi ngenzalo kaSathane, inzalo yenyoka enobuqili. “Owesifazane, kwakungukudla iaphula.” Hhe! Lokho, awu, uKayini wacabanga into efanayo, wangenisa izithelo zensimu, niyabo. Kwakungesilo iaphula! Waqonda kanjani ukuthi wayehambaze na? Sidlulile kulokho. Empeleni kwakungubudlelwano bocansi. Empeleni, kwakuyikho, waqonda ukuthi wayehambaze. Futhi waba nomntwana ngenyoka enobuqili, okungukuthi yayingesiso isilwane esihuquzelayo, yayiyisilwane esicashile kunazozonke izilo. Wayeyinto elandelayo kumuntu. Umuntu angathola izinkawu namashimpanzi—amashimpanzi, nokunye nokunye, kodwa angeke bakuthola lokho kuxhumana okuxhumanisa

umuntu nesilo ndawonye. Nango. UNkulunkulu wamqalekisa kude kakhulu angekwazi ukubuya futhi, lokhu kuphezu kwakhe ngenxa yalesisenzo esibi asenzayo. Wayeyiyona mbewu kuphela eyayingaxubanisa.

79 Manje, ngolunye usuku, ngimile, ngishumayela, kwakunesigejane sabantu abangamaKatolika ezethamelini zami, futhi ngathi, "Nina bantu abangamaKatolika enibiza uJesu, noma, nibiza uMariya, njalo, 'umama kaNkulunkulu,' uNkulunkulu angaba kanjani nomama uma EngoPhakade na? Angeke aba nomama. UJesu wayengelutho ngisho kuMariya, kodwa nje waye . . . wayesitsha sokufukamelela esaMuchamusela."

80 Awu, babehlala bekholwa, futhi ngibe nombono ngakho mina uqobo iminyaka eyedlula, ukuthi u—umqondo ongenasisihla wawungukuthi uNkulunkulu wamsibekela wase efaka ingqamuzana legazi phakathi lapho, kodwa iqanda livela kowesifazane. Uma iqanda livela kowesifazane, kwakuzofanele kufike ukuvuka kwemizwa ukuletha iqanda lidlule eshubhini liye esibelethweni. Niyabona ukuthi nenzani ngoNkulunkulu na? Nimfaka enyakanyakeni yokocansi. UNkulunkulu, Owadala ingqamuzana legazi, wadala iqanda, futhi. Dokotela, kwakuyofanele kube khona kokubili impova yowesilisa nowesifazane. Kunjalo.

81 Awu, manje-ke, uma lona wesifazane wakhiqiza iqanda, ngakho uDavide wayengasho kanjani ukuthi "Angiyikushiya ONgcwele waMi abone ukubola, futhi Ngishiye umphefumulo waKhe esihogweni"? Manje-ke uma iqanda lowesifazane lalikuKristu, khona-ke elomuntu linokuthile ukwenza nengxenye yaKhe ovukweni, ngenkathi ngokugcwele liphelele ngoNkulunkulu. Kungani uNkulunkulu wavusa ingxenye yokocansi yomuntu na? Ovukweni, kungani Engawushiyanga umzimba waKhe ubone ukubola na? Ngoba Wayengcwele. Futhi Wayengaba kanjani ngcwele uma Ubeyoba nomcabango ngoMariya, futhi impova yayiphume kuMariya, iqanda ezansi ngeshubhu liya esibelethweni na? Kwakuyofanele kube ngokunye ukuvuka kwemizwa ukuletha iqanda lehle. Khona-ke owesifazane ubeyoba . . .

82 Awu, wena uthi, "Iqanda kungahle ukuba lalilele lapho. Kwakungenzeka." Kodwa lokho, uma kunjalo, khona-ke buka ukuthi kwenzakalani lapha, khona-ke Wayengesuye uNkulunkulu ngakho konke. Wayengesuye uNkulunkulu, kakhulu ngangoba Wayengumuntu. Kodwa khona-ke uma lokho kukanjalo, owesifazane wayenokuthile kukho. Futhi i—imbewu yangempela evela kuMariya, evela kumama wakhe, nomama wakhe, nomama wakhe, kwakuyinto ethile umuntu axutshaniswe kuyo, ngesifiso somuntu. Kwakungeke kwaba yikho. Qhabo, mnumzane. Ngathi, "Owesilisa . . . owesifazane kuphela waye . . . "

83 Njengoba uthatha ukhozi bese uliyeke libeke iqanda, bese ulifaka ngaphansi kwesikhukhukazi, isikhukhukazi siyolichamusela iqanda, siyisona sifukamelisi kuphela. Kodwa akukho chashaza elilodwa ngaso, ukhozi, leyo yinkukhu. Qhabo, mnumzane. Isikhukhukazi sasiyi. . . Ubungabophela ipup encane ezansi ngale ngaphezu kwe—iqanda lenyoni, futhi beliyochamusela inyoni, ipup ibiyokwenza. Ngukufudumala komzimba okuchamuselisa iqanda.

84 Nalokho indlela efanayo okuyiyo ngoJesu. UMariya wayeyisifukamelisi nje. UNkulunkulu wamsebenzisa njengoba Enza noma ngabe yimuphi owesifazane. Wayeyintombi, wayekade engenabo abantwana. Uza esibelethweni sentombi, kodwa uNkulunkulu uMdali wenza kokubili iqanda nembewana, wakudala. Ngakho-ke, kwakungumqondo ongenasisihla.

85 Uma ngiphuma, kusobala, niyazi abazalwane bangilindele. Bathi, "Mfowethu Branham, ngifuna ukukubuza okuthile. Wenze iphutha. Manje sikuthola ubanjiwe."

Ngathi, "Kulungile, yilokho engikufunayo, ukuba ngibanjwe."

86 Wayesethi, "Wenze iphutha ngokusho lokhu, ngenkathi ushumayele nge *INzalo yeNyoka enobuqili*. Manje wena usho ukuthi—ukuthi iqanda lalengelika. . . UNkulunkulu walidala, iqanda. Okwenzakala, sithola lapha ukuthi kuGenesisi isahluko se 3, uNkulunkulu wathi kuMariya, 'Ngiyobeka ubutha phakathi kwenzalo yakho nenzalo yenyoka enobuqili.'"

87 Ngacabanga, "O, he!" Angikaze ngishumayele empilweni yami ngaphansi kokuphefumulelwa obekudingeka ngiyibuyisele emuva, ngoba angethembeli phezu kokwami ukuqonda. Futhi uma ukuqonda kwami kuphambene neZwi likaNkulunkulu, khona-ke ukuqonda kwami kuliphutha. Kuzofanele kube yiZwi likaNkulunkulu. Uma kungesikho, kushiye kanjalo, akulungile. Kodwa manje ukuLidicilela phansi yinto yokwenziwa. Enhliziyweni yami, ngathi, "Baba waseZulwini, Ngisize. Angazi ukuthi ngenzeni lapha. Indoda inomBhalo, akhomba umunwe wakhe kuwo, 'Ngizobeka ubutha phakathi kwenzalo yakho nenzalo yenyoka enobuqili.'"

88 Manje, nakhu! UMoya oNgcwele wanyakaza ngale. Ngikholwa Ngofanayo obengasibekela uMariya, obengadala, Angabeka futhi iZwi emlonyeni wakho. Ngethembele kuYe nsuku zonke. Futhi kuhlale kuyiZwi laKhe. Angeke asho i. . . into ethile ephambene neZwi laKhe. Manje-ke uma uthi ugcotshiwe, futhi ushumayela umelane neQiniso likaNkulunkulu, khona-ke akusilo ugcobo lukaMoya oNgcwele. Isizathu, uma uMoya oNgcwele ukusibekela, Uletha into efanayo, ngoba UyiZwi.

89 Lalelani. Kwenzakalani na? Ngathi, “Kulungile, ngifuna ukukubuza okuthile. Owesifazane akanaqanda. Akanambewu. Washo manje, Wathi hhayi ‘iqanda,’ Wathi ‘inzalo yakho.’ Futhi wayengenanzalo.”

90 Kuthatha ukuhlangana ukwenza inzalo. Ngabe kunjalo, dokotela na? Kufanele. Uma unawowonke uginindela phandle lapho, wawungenakuphila kuwo, futhi wawutshala wonke phandle lapha, u—ubungasoze waqhuma, ulele lapho futhi wabola. Futhi ubungeke watshala ukuphila ngaphandle kokuba noginindela. Ngakho, niyabo, yonke into isekuhlanganeni. Ngizama ukunitshela manje ngoKristu neBandla. Ngukuhlangana. Niyabo, uma owesifazane eyinzalo yakhe uqobo khona-ke akamdingi owesilisa, engaba nengane ngaye uqobo. Kodwa angeke, angeke aba nengane kuze kuba ube nowesilisa, ngoba kuthatha ababili ndawonye ukwenza inzalo. Ngabe kunjalo na? Tshala imbewu engenakuphila kuyo, ubone ukuthi kuzokwenzakalani.

91 Njengoba benalokhu ukusho lona wesifazane ezala lezizinja lapha. Niyabo, bekungeke kwaphila. Bekungeke, ngoba, niyabo, impova ingeke yaxubana.

92 Manje, qaphelani lokhu manje, o—owesifazane wayengesiyo imbewu. Ngakho-ke, Wathi, “Ngiyobeka ubutha phakathi kwenzalo yakho nenzalo yenyoka enobuqili.” Emtshela ukuthi Wayezo, ngokwaKhe, ukuba amnike inzalo, kungesikho ngokuhlangana, ngokocansi. Wayezodala kuye owesifazane inzalo. Awu, wena uthi, “Lokho bekungaba yinzalo yaKhe na?” Yebo. Beyiyoba ngekaMariya khona-ke emva kokuba Emnika yona. Leli yiso lami, Wanginika lokhu. Yiso lami, kodwa Unginika lona. Lesi yisandla sami, Wanginika sona. Leli yiphimbo lami, kodwa Unginika lona. Niyabo? Nenzalo eyayikhona, uMariya . . . yayingahlanganise lutho noMariya. Kwakuyinto uNkulunkulu ayenza qobo lwaKhe.

93 Ngakho imbewu eyayikuye-ke, yayingukuhlangana kwezenzo esingekho ngokomthetho, okwakungukufa. Wayesevele ekhulelisiwe ngenzalo yenyoka enobuqili, ngoba wayekade ephile ne . . . Futhi waphenduka wayesesho, yena uqobo, “Inyoka enobuqili ingikhohlisile.” Kunjalo. Futhi, ngokushesha, uKayini uyafika.

94 O, siyazi ukuthi wayethe uthole umntwana kuNkulunkulu. Impela, wonke umntwana ozalwayo, ivezandlebe nanoma ngabe yini okunye, uzomele eze ngokwenza kukaNkulunkulu. NguYe kuphela Ongenza ukuphila. Impela. Kunjalo.

95 Niyabo, wasevele ebe ngumama. Futhi lokho akuzange . . . kuphela lokho okwakwenza, kwakungukucacisa into yenzalo yenyoka enobuqili. “Imbewu ephakathi kuwe manje ingokucatshangiwe, isenzo sakho esingekho ngokomthetho simelene neZwi laMi, ngalesi lapha, futhi manje usunenzalo

yenyoka enobuqili. Kepha ngizokunika inzalo ngomqondo ongenasisihla, futhi iNzalo yaKhe iyakuchoboza ikhanda lenyoka enobuqili, nekhanda layo lizakuchoboza isithende.” Amen. Nje vumela uNkulunkulu abe nakho, uma kuyiZwi laKhe UyoLifezekisa.

96 Yilesosizathu uzofanele ube nokuhlangana noNkulunkulu. Yilesosizathu lokho uPetru akusho ngoSuku lwePhentekoste, emva kokuba uJesu wathi “nibabhaphathize eGameni likaBaba, iNdodana, uMoya oNgcwele,” uPetru waphenduka wayesethi “nibabhaphathize eGameni likaJesu Kristu,” ngoba iGama likaBaba, iNdodana uMoya oNgcwele yiNkosi uJesu Kristu. Niyakubona lokho na? Kuthatha ukuhlangana.

97 UPawulu wayengakaze abone uPetru, kodwa uMoya oNgcwele ofanayo, kulokho kuhlangana okufanayo (udumo!), kwambangela ukuba asho into efanayo. “Senawemukela uMoya oNgcwele lokhu nakholwa na?”

Wathi, “Asazi nokuba ukhona.”

Wathi, “Nabhaphathizwa kukuphi na?”

Wathi, “KuJohane.”

98 Wathi, “Nifanele niphinde nibhaphathizwe futhi, eGameni likaJesu Kristu.” Futhi bamukela uMoya oNgcwele.

99 Kwakuyini na? Ukuhlangana, ukusho into efanayo uNkulunkulu ayishoyo! Nalokho ngukuvuma. *Ukuvuma* kusho ukuthi “yisho into efanayo.” Futhi ungumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu, ukuba wenze kulokho Akushilo. Uthi LiyiQiniso, futhi Usebenzela kuLo. O, he! Nakho lapho okhona. Kunomcabango.

100 Manje bhekani ukuthi u—u—ukuhlangana kwakhe phakathi kwakhe nomyeni wakhe kwanqanyulwa kanjani. Niyabo, ngokusheshа, masinyane nje lapho uNkulunkulu ethe “Adamu, ubungakwenza kanjani lokhu na?” Esikhundleni sokumela umkakhe, wakwedlulisela kumkakhe. “Owesifazane Onginike yena.” Ukuhlangana kwanqamuka. Niyabo?

101 Wenzani owesifazane na? Esikhundleni sokuthanda umyeni wakhe futhi ekhuluma iQiniso, waqamba amanga. Kufanele ngabe wa—wa—wa—wathi, “Umsulwa, ngimnikile.” Amen. IBhayibheli lathi, “Wanika umyeni wakhe.” Kufanele ngabe wathi, “Indoda imsulwa. Ngimnikile kwase kuthi-ke wadla, kodwa bekuyimi omnikile.” Esikhundleni salokho, wakwedlulisela enyokeni enobuqili, ukudlula eceleni okuseduze kunakho konke.

102 Leyo yinto efanayo abazama ukuyenza namhlanje. Niyabo, umyeni, unkosikazi, ukuhlangana kunqamukile. Umyeni nonkosikazi, inhlanganyelo yanqamuka phakathi kwabo. Ubunye babo banqanyulwa, ubunye phakathi kwabo noNkulunkulu banqanyulwa. Yonke into yonakaliswa. Ngani

na? Ngoba iZwi elilodwa lakholwa ngokungesikho. O, mfowethu, he! Ya, kufanele ngabe owesifazane wakhuluma iQiniso. Ubunye kanye naye nomyeni wakhe babungasekho, futhi ubunye babo noNkulunkulu babungasekho. Futhi lonke ibandla elingathathi konke okweZwi likaNkulunkulu, izinto ezifanayo ziyenzeka. NgiyaLithanda, anilithani na?

103 Qaphelani izibulo lakhe owesifazane, uKayini, umbulali ngamabomu, umqambi manga, umkhohlisi, onomona, onomona ngomfowabo. Umfowabo wagcina iMiyalo kaNkulunkulu, noNkulunkulu wayekade enze ukuhlawulela ngokubulala umnikelo futhi ewunikelela bona. Bukani ukungazi balowo manje, kukaSathane, wazama ukubambisa okuthile. UNkulunkulu, iBhayibheli lathi, wahamba futhi wabenzela izibhinco ngezikhumba; ukuba uthole izikhumba, okuthile kwafa. UAdamu wazama ukuzenzela ezinye izibhinco ngamaqabunga omkhiwane. Kwakungeke kusebenze, impilo yezihlahla. Ukuphila, impilo ehambayo kwakumele ife. Ngakho Wabulala uhlobo oluphansi lokuphila, futhi esho phakathi lapho ukuthi, "Ngolunye usuku iMpilo yaMi uQobo iyonikelelwa nina, iMpilo yangempela eyodonsela ngaphakathi kulokhu ukuhlangana futhi." Manje, sizongena kukho emizuzwini emibalwa, uNkulunkulu ethanda. "Niyabo, kunokuphila kwewundlu. Manje, bhinca lokhu futhi ufihle ubunqunu bakho." "Awufanele udle ama-aphula"? Umbhedo! Niyabo? "Bhincani lezizikhumba." Kwakufanele abulale okuthile.

104 Nendodana kaSathane, ayifikanga ngendlela Ayefuna ngayo, wenza. Empeleni ufuna ukukusho, kodwa kwakuyindodana kaSathane, ngoba lobo bumsulwa bukaAdamu kuNkulunkulu kwakungeke kwakwazi ukuletha lolohlobo lwento. Qhaphelani khona-ke indodana kaSathane, izama ukwenza ukuhlawulela, ibuya nento efanayo ukuthi abantu abaningi bayasho namhlanje, isixha sama-aphula nezithelo zomhlaba, ukuba unikele kube ngukuhlawulela, isihlungu.

105 Futhi wenzani uAbela oqotho na? Wayazi ukuthi kwakungekho lutho njengento yokudla ama-aphula. Wayeyigazi likamama nobabayi wakhe, impilo yabo. Ngakho waletha iwundlu, njengoba uNkulunkulu wenza. Haleluya! Wagcina iZwi likaNkulunkulu, noKhayini wayenomona ngaye.

106 Into efanayo namhlanje! Yiza ngalokho kunikelwa kwegazi, leloZwi likaNkulunkulu ncamashi lokho Elikushoyo, hlala naLo ngqo. Abaningi babo bayokukholwa lokho kunikelwa kwegazi, impela, kodwa yisho okunye okuthile eZwini, bathi, "O, qhabo, angikukholwa lokho. E-hhe, lokho—lokho ngokolunye usuku." Udeveli omdala ofanayo, amaqhinga amadala afanayo! Lindani size sedlule kukho. Qaphelani, wehla ngqo ngendlela efanayo.

107 Kodwa uKayini, ngezindlela zakhe eziwubuwula, kungesibo ubuwula obukhulu, kodwa izindlela zakhe zobuqili, wakhohlisa,

futhi wangenisa isithelo. UAdamu wagcina i . . . UAbela wagcina iZwi likaNkulunkulu, wangenisa iwundlu. UNkulunkulu wathi, “Kunjalo, Adamu, ugcinile . . . Noma, Abela, ugcine iZwi laMi.” “Khayini, ubuwazi ukuthi kwakungesikho . . . Ikuphi lapho engathatha khona amaqabunga omkhiwane njengoba ubabayi wakho wazama ukwenza na? Unesixha samakhiwane noma amagrebhisi noma ama-aphula noma ngabe yini onakho lapha. Futhi manje ubabayi wakho wakha amaqabunga esihlahleni, ukuzama ukwenza ukuhlawulela, futhi lapha uzama ukuletha isithelo esivela esihlahleni.” Kwakungesikho lokho! Kwakuyigazi elivela ekuphileni.

108 O, uNkulunkulu wakwehlisa, wathi, “Nakhu.” NoAbela wanikela okuyikho. Kwase kuthi-ke umfowabo wabanomona kuye. Bukani akwenzayo, wabulala umfowabo. UNkulunkulu wavusa omunye; njengokufa, ukummbelwa, nokuvuka kukaKristu. Bhekisisani. UNkulunkulu manje-ke, Okwakhe . . . Yini ayitshela uAdamu noEva na? “Qhubekani futhi nande futhi nigcwalise umhlaba.” Sabalalisani isintu emhlabeni jikelele, ukuze Akwazi ukusebenzana nabo ngamunye kuze kuba Ubengababuyisela ndawonye. Esebenzana nabantu, abantu ngabanye, umuntu ngamunye. Kodwa babengakufuni ngaleyondlela.

109 Ningasigeji lesisambulo. Nkulunkulu, makwenzeke. Kwangathi ningakubona kwenzeka ngendlela engikubuka ngayo.

110 Niyabo, kwakungesikho lokho, uNkulunkulu akasebenzani nomuntu eqenjini. UNkulunkulu akasebenzani nawe usenhlanganweni. Usebenzana nawe njengomuntu ngamunye, umuntu ngamunye. Ungumuntu ngamunye sibhaphathizelwa ngoMoya oNgcwele. Sisonke sibhaphathizelwa eMzimbeni uma sibhaphathizwa ngoMoya oNgcwele. Ungumuntu ngamunye, ngamunye ebhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, uNkulunkulu esebenzana ngomuntu ngamunye. Leyo kwakuyinhloso yaKhe, wabasabalalisa umhlaba jikelele ukuze Akwazi ukusebenzana ngomuntu ngamunye nabo.

111 Kodwa esikhundleni salokho, kwenzakalani na? UNkulunkulu kwadingakala ukuba ahlukanise abantu bakaKayini kubantu bakaSeti. Waxosha uKayini. Wabehlukanisa ukuze Akwazi ukusebenzana neBandla laKhe. Bhekani. UKayini wehlukaniswa. Manje bhekani. UNkulunkulu wahlukanisa uKayini omubi kaEva kuSeti ongcwele ka-Adamu. O! Ngabe Wakwenza na? Ngesenzo esingekho ngokomthetho, lona wesifazane ehlala nomunye futhi kwaletha umntwana. UNkulunkulu wahlukanisa lowomntwana nezizukulwane zakhe kulona oqotho nendoda engcwele, abantwana bayo.

112 Kuyinto efanayo namhlanje, behlukana, behlukanisiwe, wabathola, babengekho ebunyeni. Babengeke baba nobunye.

Ubusuku bungadlelana yini nemini na? Ikholwa lingaba nobunye nomphikinkolo na? Indoda ekholwa lonke iZwi likaNkulunkulu ibe nobunye nalabo abakholwa ingxenye yeZwi likaNkulunkulu na? UNkulunkulu ufuna abehlukanisi.

113 Manje, uKayini wayeyindodana kaEva, wathi, "Ngitholile indodana." Kepha uSeti wayeyindodana kaAdamu. NoNkulunkulu wabahlukanisa ngoba wayengevumele . . . Ngani, babeyokonakalisa omunye nomunye, abantwana bakaKayini ababi babeyokonakalisa abantwana abalungileyo bakaSeti. Kunjalo.

114 Manje bhekisisani! Nodeveli omdala ofanayo owabangela uEva ukuba akholwe ngokungesikho iZwi elilodwa likaNkulunkulu, futhi wabatshela ukuba bazehlukanise komunye nomunye futhi baphile ngokwehlukile, ngamunye, lowodeveli ofanayo wangena phakathi kwabo futhi wabahlanganisa futhi. Nikutholile na? Thanini "Amen" uma nikutholile. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wabahlanganisa ndawonye futhi ngaphansi kokuhlangana okungamanga, isenzo sikaNkulunkulu . . . ukumelana necebo likaNkulunkulu. Kwenzakalani na? Wakwenza kanjani na? "Amadodana kaNkulunkulu," kwasho iBhayibheli, uGenesisi, "ebone amadodakazi omuntu." Amadodana kaNkulunkulu, abantwana bakaSeti, abona amadodakazi omuntu, abantwana bakaKayini, ukuthi ayemahle kanjani. Mmm! Futhi, enzani, awathanda! Futhi bazihlanganisa bona uqobo futhi, ngenxa yobuhle, ukuthi "ayebukeka."

115 Into efanayo namhlanje! Nakhu lapha enikhona, bazalwane. Nina magwala ePentecostal, okungukuthi uNkulunkulu wanehlukanisa futhi wanithumela ngaphandle ukuba ningabi yihlelo! Ningeke nahlela ipentekoste. Wanithumela ngaphandle ukuba nibe ngabantu baKhe. Kodwa nibone amabandla amahle amakhulu nesayense yezenkolo, nizitholele izikole eziningi ezinkulu nezinto. Futhi nenzeni na? Nihlanganise abantwana bakaNkulunkulu futhi nezinhlangano, okungukuthi, sona impela isisekelo sakho ngubuKatolika. Abukeka kahle, amasonto amakhulu, abantu abagqoke kahle, imeya yedolobha nabo bonke beza, begqoke ukwedlula bonke, befunde ukwedlula bonke, ososayense bezenkolo abaphakeme, bayazi ukuthi kuziwa kanjani endaweni lapho wonke umuntu egqoka zona impela izimpanhla zikanokusho ezedlula zonke, nomelusi uma nje ngokuphelele kakhulu endaweni. Kuyini na? Nibuka izinto uNkulunkulu azilahlayo. Futhi nithathe ibandla lePentecostal (Nkulunkulu, makushaye amateyipu!) futhi bekuhlanganisele enhlanganweni. UNkulunkulu akakaze afune Lihlanganisiwe, WayeLifuna lahlukanisiwe; alikaze lihlanganiswe nezwe.

116 Udeveli omdala ofanayo owabangela uEva ukuba akholwe ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu futhi wamenza okubi, uyabuya khona ngqo ngapha futhi wathatha abantwana

bakaSeti wabenza babone laba besifazane bakaKayini ababukeka kahle, futhi bahlangana futhi. Futhi babengesibo abaphikinkolo. Babengesiwo amakhomanisi. Qhabo, qhabo. Babengamakholwa. Bathi, "Manje mhlasimbe mhlawumbe iNkosi ingahle yenze okuthile." Noma, o, lokhu kanjalo. Ba—babe. . .Bacabanga ukuthi babenza okwakulungile. Futhi yini uNkulunkulu ayefanele ayenze na? Asule yonke into nya, wayedingeka asule yonke into nya. Ngaphansi kokuhlangana kwamanga! Wayedingeke athumele isikhukhula futhi abhubhise sonke isigejane. Ukwahlulelwa kuzela lokho kuhlangana okungamanga. Ukwahlulelwa kwashaya iEdeni ngenxa yokuhlangana kwamanga.

Manje, ngabe inyoka enobuqili yayinenzalo na? Ngiyakudabukela.

117 Ukuhlangana kwamanga kwaletha ukwahlulelwa emhlabeni, kuEva noAdamu, eEdeni. Nokuhlangana okungamanga kwaletha izikhukhula zokwahlulela kukaNkulunkulu emhlabeni ngenxa yokuthi amadodakazi kaKayini aqomisana namadodana kaNkulunkulu, futhi akuthanda futhi ahlangana ndawonye futhi. Nakho lapho ukhona. Ukuhlangana kwamanga, "Akukho okwakungenzeka." Wenzani uNkulunkulu na? Wabhubhisa yonke into, konke ngaphandle kukaNowa omdala oligugu nomndeni wakhe. Wa . . . ahlangana ndawonye.

118 Kwaphinda futhi emva kwalokho, emva kokufa kukaNowa, nalowomndeni wokomoya kaNowa, into yokuqala niyazi, abantwana bomuntu baqala ukubukana futhi. Benzani na? Bathi, "Manje, asisesibo abaphikinkolo, sonke sikholwa uNkulunkulu." Ngakho baba nenhlanganyelo, ngomholi, omunye umbhishobhi omkhulu ogama linguNimrodi, futhi bakha umbhoshongo. Babengesibo abaphikinkolo. Bakholwa ukuthi kwakukhona iZulu. Bakholwa ukuthi kwakukhona isihogo. Bakholelwa ekwahlulelweni. Kodwa abantwana bakaNkulunkulu enamadodakazi omuntu, futhi, futhi bazenza ubumbano, ngokwamanga, futhi bakha isifundabhishophi esikhulu kakhulu, inhlangano enkulu kakhulu, nazozonke ezinye izindawo yayi—yayingeyaseBabele, kwakungukuyibonga.

119 Futhi bathi, "Ngizokutshela ukuthi singenzani. Niyazi ukuthi sismati." Babeyokutholaphi lokho kuhlakanipha na? Kudeveli. Kunjalo impela. Bakuthola kudeveli njengoba—njengoba uEva enza. Bakuthola kudeveli. Ngakho bathi, "Sizozakhela inhlangano, sizothokozisa uNkulunkulu. Futhi ngizonitshela ukuthi sizokwenzani, sizoba nezitebhisi zokukhwela ezincane. Sizogijimela phezulu futhi sicule futhi sithokoze kanye nezingelosi, futhi sibuye sehlele lapha futhi siphile ngendlela esifuna ukuphila ngayo." Lowodeveli usaphila. Niyabo? Kwakumelene nemiyalo kaNkulunkulu. Abayigcinanga

imiyalo yaKhe. Wenzani uNkulunkulu na? Awu, bakha umphongolo waseBabele, amanga futhi, ngakho uNkulunkulu wabasanganisa futhi wabahlukanisa.

120 UNkulunkulu wahlukanisa futhi futhi Wathumela uAbrahama omdala olungile oqotho, wathi, "Ngizokuthatha nje futhi ngenze isizwe ngawe." UNkulunkulu wabehlukanisa. "Phuma kubo, Abrahama, shiya yonke into ngemuva." Futhi uNkulunkulu akazange ambusise kwaze kwaba bashiya yonke into ngemuva, uLoti wayengowokugcina. "Phuma, Abrahama, zahlukanise kulabo abangakholwayo. Futhi ngizokuthatha futhi ngenze isizwe ngawe. Ngizokwenza abantu abazogcina imiyalo yaMi. Ngizobanika elinye ithuba."

121 UAbrahama olungile omdala waya kogongobala ezweni labafokazi. Yilokho wonke uAbrahama akwenzayo, ukugongobala ezweni labafokazi. Ini? Ukukholwa isithembiso esasingenakwenzeka, ngokukhuluma ngokobuntu. Ucabangani labo odokotela bakaKayini besimanje ababeyokusho ngalolosuku na? "Whewu, he, ikhehla, ikhulu leminyaka ubudala, lizoba nengane ngonkosikazi, enamashumi ayisishiyagalolunye na? O, into eyinsini kanje pho!" Kodwa uAbrahama walikholwa iZwi likaNkulunkulu. Futhi konke okuphambene nakho, wakubiza ngokungathi kwakungesikho.

122 Yonke lemibhaphathizo yamanga, imizwa engamanga, into engamanga eqhubekayo namhlanje, bethi akukho lapho, kholwa iZwi likaNkulunkulu futhi ulokhu uqhubeka. Kuyisikhubekiso kuphela ukuvimbela ekufikeni kokuyikho ngempela. Kunjalo. Qhubekani, bantwana. IZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Angikhathali ukuthi zingakanani izinto okumbumbulu udeveli akuphonsela phandle lapho, uNkulunkulu uselokhu eneZwi eliqinisile futhi UyaLigcina.

123 UAbrahama wabiza noma yini ephambene, ngokungalungile. AbaseRoma, isahluko se 4, uma nikubhala phansi. UAbrahama wabiza konke okuphambene neZwi likaNkulunkulu, ngokungathi kwakungesikho. Kunjalo. Wakholwa nguNkulunkulu, wayenamandla, kungenandaba ukuthi umzimba wakhe wababuthaka kanjani, ukuthi kwakubukeka kungenakwenzeka kanjani ukuthi kwakungezukwenzeka, uAbrahama waqhubeka nokukukholwa. Manje, wayengadingeki ukuba ehlele ealtare futhi athi, "Uma kungaphumeleli manje, ngizokwenza . . . Angazi ukuthi ngifanele ngikukholwe noma qhabo." UAbrahama wahlala nakho iminyaka engamashumi amabili nanhlanu ngaphambi kokuba kufike, kodwa kwafika lapho. Kuhlale kwenza.

124 UAbrahama, kuza uIsaka; uIsaka, kuza uJakobe; kuJakobe kuza okhokho; kokhokho, kwangena eGibhithe; eGibhithe, kwakhula isizwe. Kwase kuthi-ke Angathola isizwe saKhe sesikhulisiwe, ukuzuza ngempumelelo kwaKhe, Wenzani

na? UNkulunkulu wabehlukanisa futhi. Ukungakholwa nokukholwa ngeke kwahambelana. Qhabo, mnumzane. Wabehlukanisa futhi, enzela OwaKhe. Wabenzani ukuqinisekisa ukuthi baholwa kahle na? Lalelisisani manje, asikakabi naso isikhathi esiningi kakhulu kakhulu manje, mhlawumbe eminye imizuzu eyishumi nanhlanu. Wabahola ngokusondela. Bhekisisani, Wavuza isizwe, wababeka ngaphansi kwabafundisi nezinto. Babeshaya futhi bekhala, futhi bekhala futhi beqhubeka. Kodwa uNkulunkulu wayebuka phansi, Wakhumbula sonke isithembiso Asinika uAbrahama. Ngolunye usuku Wa—Wacabanga . . . Wenzani kubo na? Wenzani ngenkathi Ebahlukanisa na? Ubanika umthetho futhi Ubanika umprofethi, Ubanika iNsika yoMlilo. Wenzani na? (O Nkulunkulu!) Uhlela ibandla laKhe ngokwenqubo. INsika yoMlilo, uMoya, ukuba ubahole, umprofethi owayeyobatshela iQiniso leZwi laKhe. Base belungele uhambo-ke. Akumangalisi lokho na?

125 Phandle ehlane bahamba, enza izibonakaliso nezimangaliso, evula uLwandle oluBomvu, ebiza izinhlupho zesihogo zehlele kuFaro. O, he! INsika yoMlilo ihamba phambi kwabo, amen, yabahola ngobusuku nangemini. Haleluya! Umprofethi, eneqiniso kuleloZwi, emi lapho ebagcina besemgqeni. Amen. Wayeselungele ukuthatha abantwana baKhe-ke. Lokho kwakungokokuqala abake babizwa ngebandla. Kwakuyisifanekiso salokho Azokwenza ngezinsuku zokugcina. Sizofinyelela kulokho futhi emzuzwini nje. Wababizela ngaphandle, ubanika umthetho, ubanika iZwi laKhe, futhi ubanika umprofethi, Ubanika isibonakaliso, futhi Ubathumelela ehlane. Wabehlukanisa kulolonke izwe.

126 Benzani na? Babona abesifazane ababukeka kahle bakwaMowabi, ibandla elisivivi nonkulunkulu nonkulunkulukazi nayoyonke enye into. Benzani na? Babathanda, bashadelwa phakathi kwabo. Kunjalo, kunjalo impela. Sengiyababona labo besifazane abancane abangamaMowabi babebahle ngempela.

127 Ngathola isiprofetho ngilele ekhaya, ngolunye lwalezizinsuku ngizosifunda. Futhi niyamangala kungani ngithatha ngendluzula abesifazane ngendlela engenza ngayo. Iminyaka engamashumi amathathu eyadlula . . . Ngino ISHO KANJE INKOSI! Iminyaka engamashumi amathathu eyadlula ngenkathi ngingene inkonzo, Wangitshela ukuthi ubunzima abesifazane bayoba ngokungabi nasimilo futhi kwabalelwa ezinsukwini zokugcina bayokuba yinto engcolile kakhulu emhlabeni. Kunjalo! Wakuqala ekuqaleni noSathane uyamsebenzisa ekugcineni. Futhi bukani ukuthi kwenzakalani, bukani ezansi eminyakeni. Kwathi, “Uyoqhubeka nokuziwundula.” Futhi kwathi, “Kuyoba neqembu elincanyanyana, labo impela Abakhethiwe elakhethwa ngaphambili, liyophunyula kulokho.”

128 Ngenkathi lowombono uza, lokho kwangikhathaza. Ngacabanga, "Abesifazane . . ." Ngaphenya emuva ngale eBhayibhelini kuIsaya, ngiyakholwa isahluko se 5, futhi Kwathi, "Ingatsha ephunyulile e . . . amadodakazi aseSiyoni, ngalolosuku ayoba mahle eNkosini."

129 Owesifazane wangibhalela umbuzo ngolunye usuku, wathi, "Mfowethu Branham!" Noma, qhabo, kwakuyindoda, umfundisi. Ngahle ukuba umi lapha kulokhu ukusa. Uvela nje eOhio. Futhi wathi, "Sifuna ukusho into efanayo kuwe, kodwa sithole okuthile emateyipini akho okungalungile." Ngakho uBilly wangilethela incwadi. Yathi, "Okuthile emateyipini akho," kuthi, "kuyaziphikisa impela, Mfowethu Branham, eZwini likaNkulunkulu. Futhi sifuna uku—sifuna ukusho into efanayo." Yathi, "Umbuzo owodwa engifuna ukuwusho kuwe, lokho ngabaseKorinte bokuQala, isahluko se 11, futhi kusho lokho mayelana nesembozo sowesifazane, nendoda ukuba ingabi nesembozo." Yathi, "Siyakukholwa lokho. Abesifazane bafanele bagqoke izingqoko ebandleni, namadoda afanele akhumule izigqoko zawo ebandleni." Yathi, "Sikholelwa kulezozembozo zamakhanda, nokunye nokunye." Futhi yathi, "Manje-ke omunye umbuzo ungukuthi abantu beza kithi futhi bathi iNgelosi yeNkosi ikhuluma kuwe yonke into. Lonke izwi olikhulumayo livela eNgelosini yeNkosi. Futhi, Mfowethu Branham, kunzima ukulwa nento efana naleyo," yathi, "ebandleni lami." Yathi, "Sifuna ukusho into efanayo. Manje, Mfowethu Branham, awukholwa ukuthi wawusephutheni kancane lapho na?"

130 Ngabhala ngaphendula, "Mfowethu oligugu, angikho ephutheni. KwabaseKorinte bokuQala, isahluko se 11, kwathi owesifazane umele abe nekhanda lakhe limboziwe, futhi ngani. Bese kuthi-ke ivesi le 15 lathi uphiwe izinwele zakhe ezinde ukuba zibe yisembozo, hhayi isigqoko." Lowo ngumoya weKatolika owabusa ibandla isikhathi eside ngokwenele. Izinwele zakhe ezinde yisembozo sakhe. Ayikwenzi imvelo uqobo lwayo . . .

131 Futhi bukani, kwase kuthi-ke umbuzo uyabuya, omunye umuntu wangibuza esikhathini esithize esedlule . . . Ngizokuchaza lapho ngikukho. Wathi, "Awu, iBhayibheli lasho ukuthi umele abe nezinwele ezinde ngenxa yezingelosi. Zihlanganisani izingelosi nowesifazane na?"

132 Ngathi, "Yini ingelosi na? Yisithunywa." Uthini uPawulu na? Uma isithunywa seqiniso, ingelosi evela kuNkulunkulu yedlula, bekuyoba ngcono ube nezinwele ezinde. Iyoyilahla ngecala into. Kunjalo. Bangaki one . . . waziyo ukuthi ingelosi iyisithunywa na? Kunjalo impela. Isithunywa esithunywe sivela kuNkulunkulu siyosilahla ngecala. Wathi, "Kungcono ube nezinwele ezinde, ngenxa yezingelosi." Lezozingelosi zithunywe zivela kuNkulunkulu zidlula ngapha, ziyoyilahla ngecala

leyonto. Yebo, ngokwempela, ngoba, isithunywa sangempela esivela kuNkulunkulu, ingelosi ixhumene noNkulunkulu, neZwi laKhe lingeke lehluleke. Lokho kunjalo ngempela. UPawulu oNgcwele washo lapho, ukuthi uma ngisho iNgelosi evela eZulwini ifike yafundisa noma yini enye, mayibe ngeqalekisiweyo. Kunjalo. Manje siyathola ukuthi lelo yiqiniso, ubefanele abe nezinwele ezinde, leso yisembozo sakhe.

133 Kodwa cabangani laba besifazane abangamaMowabi ababukeka kahle babebahle kakhulu, kungahle ukuba babelungisiwe abanye njengabanye oJezebeli besimanje-manje banamhlanje. Kodwa, empeleni, akusibo bonke abesifazane! Ngicabanga ukuthi owesifazane ongowoqobo uligugu. Makadunyiswe uNkulunkulu ngowesifazane wangempela. Niyizincekukazi zikaNkulunkulu. Kodwa owesifazane wangempela ufana nendoda yangempela, bayolandela iZwi likaNkulunkulu kungakhathaleki ukuthi udeveli uthini, noma ngabe yini into engamanga.

134 Futhi yathi, "Umelusi wethu wathi kulungile ukwenza *lokhu*." Angikhathali ukuthi umelusi wakho wathini. Uma kuphambene neZwi likaNkulunkulu, izwi lakhe alibe ngamanga, futhi ugcine iZwi likaNkulunkulu. Naka ukuthi ihlelo liyini noma uyini, uma enanoma yini ukuyisho ngakho, mtshele abuke eZwini likaNkulunkulu. Kunjalo impela.

135 O, besingaqhubeka kanjani sehle futhi sibone uNkulunkulu ebahlukanisa. Sizodingeka ukuba sime umzuzu nje. Ngineminye imiBhalo lapha engifuna ukuba nje ngiyedlule, ukuthola, ukusheshisa ukuba ngifike ekugcineni. Bese kuthi-ke ngenkathi . . . kwenzakalani ngenkathi Esethathe indawo lapho, ngenkathi abesifazane abangamaMowabi? UNkululunkulu wadingeka ukuba abehlukanise futhi. Wenzani na?

136 Kwase kufika uJesu-ke. Manje lapho esiza khona ndawondawo. Kwase kufika uJesu-ke, umfanekiso oveziweyo kaNkulunkulu, imbewu yowesifazane, yakhulelwa ngoNkulunkulu qobo lwaKhe. ISazi sokwakha esikhulu sazakhela Sona uqobo umzimba. Wayengadingeki ukuba atsheleke noma yiziphi izingodo kunoma ubani, kowesifazane noma owesilisa. Wazakhela Yena uqobo indlu. O, he!

137 Ngicabanga ngoStefani ngalolosuku lapho ama khona, wathi, "Nina abangasokile enhliziyweni nasezindlebeni, nina bontamol'khuni. Nihlala njalo nala uMoya oNgcwele. Njengoba kwenza oyihlo, nani kanjalo!" Wathi, "USolomoni waMakhela indlu, kodwa kepha OPhezu konke akahlali endlini eyakhiwe ngezandla, kodwa Uhlinzeke umzimba."

138 Akadingekanga ukuba aboleke izingodo ndawo ndawo. AmaHeberu, isahluko se 11, ngiyakholwa kwele 2 noma ivesi le 3, kusho ukuthi "Umhlaba wakhiwa ngeZwi likaNkulunkulu, izinto zenziwa ngezinto ezingabonakali." UNkulunkulu wathi

nje, “Makube khona,” futhi kwabakhona. Akadingekanga ukuba aye ngale futhi athi, “Mnu. Nyanga, ubungaNgiboleka izingodo ezincane na? Mnu. Nkanyezi, ubungaNginika isakhamzimba ikhalisyamu na?” UNkulunkulu akakwenzi lokho.

139 Akadingekanga ukuba athi, “Mariya, Ngiboleke iqanda, ngifuna ukwenza umzimba ukuze ngihlale kuwo.” UNkulunkulu uMdali wakhuluma, futhi wayengumama khona manjalo. Wayengesiye umama, wayengowesifazane nje ophethe iNzalo yaKhe. Kunjalo. Khumbulani, wayengesiye umama kaJesu. Izwe lasho njalo. Ngitholele indawo eyodwa emBhalweni lapho ake Ambiza ngomama. Manje buyelani eZwini. “Umama kaNkulunkulu,” ngiyanidabukela. Niyabo?

140 Ngolunye usuku kwakunabantu abathile abasho kuYe, bathi, “Umama wakho ungaphandle uyaKufuna.”

141 Wathi, “Ubani umama waMi na?” Wabuka kubafundi baKhe, wathi, “Labo abenza intando kaBaba waMi ngumama waMi.”

142 Wayengesiye umama waKhe, wayeyisitsha sokufukamelisa. UNkulunkulu wayengasebenzisa enye into, kodwa Wayefuna ukuthatha khona impela okuphansi kunakho konke futhi akhombise Ayengakwenza ngakho. Wakuvusa, wenza utho kokungelutho, lowo nguNkulunkulu.

143 Umfanekiso oveziweyo uyafika, uJesu, Ongenasisihla, Othandekayo, usomuhlekazi wezinkulungwane ezilishumi, uMnduze wesiGodi, iMbali yaseSharoni, o, iNkanyezi yoKusa. Wayeyini na? Wazelani na? Lalelisisani manje. Ukuvuselela ubunye phakathi kukaNkulunkulu nomuntu. O, uyakubona, mfowethu na?

144 Yonke imibhoshongo yaseBabele nazozonke ezinye izinto zabo emuva lapho azisebenzanga. Zonke izithelo zabo zezingadi nayoyonke enye into yajabhisa uNkulunkulu. Ngakho uNkulunkulu wehla futhi wakhulelwa esibelethweni sowesifazane, ngaYe Uqobo lwakhe, wazenzela Yena uqobo umzimba, futhi waba nguImanuweli, uNkulunkulu unathi; engesilo iJuda noma oweZizwe, kepha uNkulunkulu. Wayengesilo iJuda, Wayengesiye oweZizwe, WayenguNkulunkulu. NabeZizwe babekakhulu kuYena nganoma yisiphi isikhathi, kuphela Wazama ukwehlukanisa iJuda ukwenza isizwe. Wazama ukwenza konke ukuba akubuyisele emuva, nendlela kuphela Ayengakusungula ngayo wakungukubuyela kumuntu ngamunye njengoba Wayenjalo ekuqaleni. Yileyondlela okungayo namhlanje, kumuntu ngamunye. Hhayi ihlelo, hhayi inhlangano, hhayi eqenjini labantu; kodwa kumuntu ngamunye. Qaphelani, ukuvuselela ubunye phakathi kukaNkulunkulu nomuntu.

145 Wayengumnikelo wesono wangempela. Imvu, izimbuzi, nokunye nokunye, kwakungeke neze kususe isono. Kodwa

impilo...Ngoba ngenkathi umhlatshelo ubulawa nokuphila kwewundlu, into emsulwa kunazo zonke, yayingeke ibuye, lokho kuphila, phezu kwekholwa, ngoba wayeyisidalwa esingumuntu, esinomphefumulo, futhi imvu ayinamphefumulo.

146 Niyabo, akukho okunomphefumulo ngaphandle komuntu. UNkulunkulu wafaka...Usesimweni sesilwane, lelo yiqiniso, kodwa Wafaka umphefumulo kuye. Yilokho okwamenza wehluka ezilwaneni. Wayekwazi okulungile kokungalungile ngenkathi umphefumulo wakhe ufika kuye. Kodwa yena...Khumbulani ngenkathi uNkulunkulu edale umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, kwase kuthi-ke waba ngumphefumulo ophilayo. Niyabo, waba yilokho, azi okulungile kokungalungile.

147 Manje qaphelani. Kodwa manje, kulokhu, uJesu wafika futhi WayenguNkulunkulu. Kungesiyo kuphela impilo yomunye umuntu engabuyela komunye umuntu, kepha khona kuphela ukuPhila kukaNkulunkulu, kumenza umntwana kaNkulunkulu, kumfaka emuva ekuhlanganeni okufanayo ayekukho ngaphambi kokuwa. Manje sithola ubunye bangempela.

148 Abantu, omunye umuntu wathi kimi, "Mfowethu Branham, awusuye okamunye na?" Hhayi inhlangano iOneness. Kodwa ngimunye noKristu, niyabo, kodwa hhayi inhlangano iOneness.

149 Wasikhokha isikweletu sesono. Manje, ukuze uthole ubunye phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, uJesu ubengeke akwenza inqobo nje uma Wayelapha emzimbeni wenyama. Ngakho Wayedingeke abe ngumnikelo wesono ophelele ukususa icala lekholwa, niyabo, akususe ukuze uMoya oNgcwele ubungangena kumuntu, futhi wenze umuntu noNkulunkulu babemunye futhi. Niyabo, kwakufanele kube khona okuthile ukuvuselela.

150 Manje, yini eyayingavuselela na? Uma umyalo kaNkulunkulu ugwaliseka. INgelosi yayingakugcwalisa na? Ayinagazi. UNkulunkulu wayengakugcwalisa na? Wayengenagazi. NoNkulunkulu waba yinyama negazi ukuze Abengakwazi ukukhokha izikweletu ngokuyikho futhi asuse isono, ngoba leyo yiyona ndlela. Imibhoshongo yaseBabele ibahlukanisa emhlabeni jikelele, yonke enye into, izinhlangano nezinto zazihlulekile ngayoyonke indlela, bazithola behlangene ndawonye, izwe nayoyonke enye into, kodwa lokhu kwakuzoba ukwahlukana okuphelele. Udumo!

151 Manje ngizizwa ngigcwele ukholo. Awu, ngizwa ngathi ngingathatha umbhalo wami manje futhi ngiqale ukushumayela khona manje. Nje ngiyafudumala manje ukuya lapho engingaqala khona lapha, futhi sekuyisikhathi sami ukuba ngime. Ehhe! Mhlawumbe ngizokuqeda kamuva ngesinye isikhathi, ubunye bukaNkulunkulu nomuntu, Niyaqonda na? Wonke lowo oqondayo, yithi "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

152 Niyabo, leyo yiyonandlela kuphela umuntu angabuyela ngayo esimweni sakhe sasekuqaleni futhi, kungaleyonhlawulo yesono ukuba ikhokhwe. Inhlawulo yesono iyini na? Ukufa. “Inkokhelo yesono ngukufa.” NoNkulunkulu wathi, “Usuku eniyakudla ngalo, usuku oyoba nalobubudlelwano ngalo, yilolosuku oyofa ngalo.” Futhi ngenkathi kwenza, kwanqamula ubudlelwane bakhe, inhlanganyelo nayoyonke into yomuntu, futhi akakwazanga ukubuyela emuva futhi kwaze kwaba leyonhlawulo yakhokhwa. Futhi akukho muntu owayefanele ukuyikhokha, ngoba wonke umuntu wawa kanye nesidalwa esingumuntu, ngoba sonke isidalwa singaphansi kwesidalwa esingumuntu, futhi wayewile. Udumo! O, mfowethu!

153 Mfowethu Mac, angikubonanga uhlezi lapho, uNkulunkulu akubusise. Siyakukholwa lokhu, Mfowethu Mac. “Woza ngaphansi kwenhlawulo yokufa.” UMfowethu Mac lapha wayevamise ukuba ngumalusi lapha etabernakele ngenkathi ngihambile. Ya. Manje, omunye olungile umBaptisti omdala, iMissionary Baptisti ezansi lapho owathola uMoya oNgcwele. Niyabo? Qaphelani manje, beza ebunyeni noNkulunkulu.

154 Manje, uma sibona lokhu, sibone inhlawulo efanele ikhokhwe, futhi akukho . . . Uhlobo oluphakeme lwempilo yesilwane yisidalwa esingumuntu, nesidalwa esingumuntu sawa, sona uqobo. Ngakho umuntu oyedwa engamsindisa kanjani omunye na? Kuthathe uNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu, eMoyeni, ubengeke afa. Ngakho, “UNkulunkulu wadingeka azehlise kancane Yena kuneziNgelosi,” AmaHeberu isahluko 1, ivesi 1. Wadingeka azehlise Yena uqobo kuneziNgelosi ukuze athathe ukufa, ukuba akhokhe inhlawulo, ukuletha ubunye phakathi komuntu noNkulunkulu futhi, ukuze uMoya oNgcwele ubungabuya.

155 Isikweletu sesono sakhokhwa. UJesu wayefanele akwenze lokhu ukuthumela u—u—uMoya oNgcwele emuva phezulu, ukuhlanganisa abantu futhi njengoba kwakunjalo ensimini yase-Edeni. Isikweletu sakhokhwa ngenkathi uJesu esefile. Lokho kuyakuxazulula. Amen, mfowethu! Uma kuphela bengingakuzikisa phakathi, niyabo. Isikweletu sesikhokhiwe. Haleluya eWundlwini! Isikweletu sesikhokhiwe. Futhi wonke owesilisa nowesifazane engizwa kulokhu ukusa, noma bazongizwa ngeteyipu, inhlawulo yakho isikhokhiwe. Ningalikholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu futhi. Buyelani eZwini! Ningakukholwa . . . WayeyiZwi. Udumo! Ngizwa kuthi angimemeze, qotho ngiyezwa. Inhlawulo isikhokhiwe. Sekuphelile. Akumangalisi iziNgelosi zampompoloza futhi zacula, amahubo aseZulwini ayazwakala. Yebo, mnumzane, imvu elahlekile yatholakala! Ukuhlawulela kwenzelwa yena ukuba abuyiselwe kabusha futhi, amanzi okwahlukanisa, iZwi likaNkulukulu elimhlanzayo ebubini bakhe, ngenkathi iZwi lafa endaweni yami futhi ngavuswa

futhi waba ngovelele empilweni yami, enhliziyweni yami. Amen. Inhlawulo isikhokhiwe! Sekuphelile. Sihlengiwe.

156 Hhayi ngebandla leKatolika; nakuba siyikatolika leqiniso, ikatolika labapostoli. Yebo, mnumzane. Hhayi iRoma eliKatolika nezimfundiso zabo ezingaphikiswa, baphika leliZwi ngezimfundiso zabo ezingaphikiswa; yonke into iyimfundiso yenu engaphikiswa, hhayi iZwi. IMethodisti, iBaptisti, ngiyanidabukela, bathandi bokubi kunokuthanda uNkulunkulu. Abathandi benjabulo, abafuna izwe, izinjabulo, bahlaba izingulube benzela upeni. Udeveli uthumela amathuluzi akhe phandle lapho ehlohla leyonto kuwe njengoba uSathane enza ensimini yase-Edeni. "Awu, bonke abefundisi bethu banemfundo. Bane Ph.D., LL.D." Lokho akusho lutho. Phika leloZwi, kuselicebo lokuphamba lideveli. Ngikufakazisile kini ngeZwi kulokhu ukusa, akube kuwe kusukela manje kuqhubeke.

157 Abafundi, ngisho behamba noJesu, babengenabunye. Banengenakho ukuhlangana. Qhabo, baphikisana, "Ubani ozoba ngumbhishophi emva kwalona. Obani omkhulu kunathi sonke phakathi kwethu na?" Babengakholwa ngisho uJesu. BabengaMqondi. "Ukhuluma ngokudida. Sitshele ngokucacile Okuqondile." Kwakungekho ubunye phakathi kukaJesu nabafundi, noma abafundi kuJesu, nabafundi phakathi komunye nomunye.

158 Akunandaba, lokho kuyakukhombisa, mfowethu. Lalelisisani manje, ngifuna lokhu kunamathele ngempela kujule phansi enhliziyweni yenu. Niyabo? UNkulunkulu unecebo. Ngaphandle kwalelocebo, angikhathali kungakanani ukuhlakanipha okungemva kwakho, zingakanani izakhiwo ezinhle zezigidi zamadola, zingakanani izikole zesayense yezenkolo, mangakanani indoda engcwele nokungcwele *lokhu*, nokungcwele, ngcwele, ngcwele, akwenzi mehluko sanhlobo, uma iZwi elilodwa likaNkulunkulu leBhayibheli lenqantshwa, kungokukadeveli. Manje, ngikufakazisile lokho kini ngeZwi elilotshiweyo likaNkulunkulu, kusukela kweLisha kuya eTestamenteni eliDala, futhi ngizomehlisela phansi owesifazane kuye osukwini uma nizohlala nje nami imizuzu embalwa.

159 Abafundi ababehambisana noJesu, balala naYe, bandla naYe, babuka izimangaliso zaKhe, futhi bazibandakanya naYe, besondele njenganoma yimuphi umfo obengabanjalo, futhi nokho babengenakho. Babengefithi ukushumayela iVangeli. UJesu wathi, "Ningabe nisashumayela, ningakuzami ngisho. Lindani phezulu lapho emzini waseJerusalema. Ngizothumela isithembiso, enisiphiwe, phezu kwenu. Ukuthi ngizonenza munye-ke."

160 "Manje, Baba, ngiyakhuleka ukuthi bayoba munye njengoba Wena naMi siMunye. Futhi Mina . . ." "Njengoba uBaba

waMi eNgithumile ukuba ngishumayele iVangeli, kanjalo Ngiyanithuma."

161 Futhi yena impela uBaba owathumela iNdodana, wangena eNdodaneni. Ukuhlangana kunye. Wathi, "Uma ngingezi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kepha uma imisebenzi yaMi engiyenzayo ikhuluma kakhulu, niyisithulu ngokuphelele, anizwa futhi niphuphuthekile uma ningakuboni." O, mfowethu, whewu! Wathi, "Nina bazenzisi! Nikwazi ukuhlukanisa ubuso bezibhakabhaka, kepha izibonakaliso zesikhathi anikwazi ukuzahlukanisa. Ukube beningazi Mina, beniyolwazi usuku lwaMi. Awu uIsaya akakhulumanga kini. Ninezindlebe, futhi niyisithulu kakhulu anizwa. Amehlo, futhi niphuphutheke kakhulu aniboni!"

162 Awu ngabe uMpostoli Pawulu washo ukuthi, "Ngezinsuku zokugcina bayoba nesimo sokumesaba uNkulunkulu futhi baphike aMandla akho," futhi uMbhalo emva koMbhalo, yini okuyokwenzeka kulezizinhlangano ngezinsuku zokugcina. Khona-ke bayamangala kungani ngimemeza ngimelana nenqubo eyenziwe ngumuntu kadeveli. Niyabo labobantwana abaligugu bayengwa phandle lapho njengemvu iya kohlatshwa. Bakhiphe, Nkosi!

163 Yebo, abafundi babekade bengenakuhlangana. Abakwazanga ukuqonda uJesu. Bathi, "A, ubani ongaqonda lezizinto na?" Niyabo, uNkulunkulu wayengakakabi phakathi kubo nokho. Babehambisana nje enhlanganyelweni. Babehambisana naYe nje. Lowo indoda amaningi alungile namhlanje. Abaphuzanga, baqambe amanga, bebe, lutho, kodwa babengenabo lobobunye bukaNkulunkulu. Babengakabi munye noNkulunkulu nokho. Niyabo, babengeke. O, benze izimangaliso. Bakhipha odeveli. Lokho aku—lokho aku . . .

164 Ngifunda indatshana ephepheni ngolunye usuku ngalokho, ngokuxosha odeveli. Abantu bathi, "O, mfowethu, ngiyakutshela, lokho yikho." Lokho akusikho! Indoda eyakhipha odeveli futhi iphika iZwi likaNkulunkulu, ingumqambi manga. Yebo, mnumzane. Uthi ukhipha odeveli. Bazisho ukuthi benza lokho. Angeke akwenza uma engekho neZwi likaNkulunkulu. UJesu washo njalo.

165 Manje, kwase-ke kufika iPentekoste, uNkulunkulu wabenza babamunye futhi. O, he! Manje-ke baba nobunye noNkulunkulu. UNkulunkulu wayephakathi kubo. Manje, iZenzo, uma ukubhala phansi, iZenzo 4:32, iBhayibheli lasho ukuthi "Babenhliziyonye, mphefumulo munye, namqondo munye." O, mfowethu. Ngani na? Babekade bebuyiselwe kabusha kokwasekuqaleni futhi. Into kuphela okungukuthi babekade benayo yasala ukuba ilahle okwakungumuzi omdala, noma bahlala phakathi lapha, umzimba omdala obizwa ngomuzi noma ithempeli, okungukuthi bahlala phakathi lapha, lowo

kwakufanele ubole, ngoba ufanele ufe futhi ubhubhe. Kodwa emoyeni nasekuphileni, nangenhloso nasembonweni, nayoyonke into, babemunye noNkulunkulu.

166 O, Adamu, mngani wami odangele, ungamvumeli uSathane akutshele amanga futhi. Ungakuvumeli lokho kwenzeke. Ungamvumeli uSathane akutshele ukuthi iZwi alisho lokho eLikushoyo. Kunjalo. IZwi lisho ukuthi . . . Ya, lapha kungesikho . . .

167 Bengikhuluma ngombhaphathizo eGameni likaJesu Kristu. Kunjalo, isambulo salokho siyafika. Lelo yiqiniso. Kodwa senzani isigejane sabantu na? Sakubuthela konke phandle lapha futhi babeka ihlelo kukho, benza omunye umbhoshongo waseBabele. Into efanayo, bayiphonsela ngqo kuyo. Impela. ULuther wenze into efanayo. UWesley wenze into efanayo, uJohn Smith wenze into efanayo, uAlexandra Campbell wenze into efanayo. IPentekoste yenze into efanayo. UNkulunkulu usebenzana nabantu ngamunye ogcina iZwi laKhe. Icebo kuphela likaNkulunkulu liletha amakholwa kuYe uqobo, ebunyeni beqiniso, wamukela uMoya oNgcwele. Manje-ke lapha kukanjani . . .

168 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngikhulume ngezilimi. Ngamemeza. Ngenze *lokhu*." Uma usenalolohlobo lomoya futhi uphika iZwi likaNkulunkulu, awukakabi nalo iZwi likaNkulunkulu kuwe, awukakabi nawo uMoya. Uma uyohlala futhi uzwe iQiniso lishunyayelwa, futhi uLibuke phezulu eBhayibhelini futhi ubone ukuthi LiyiQiniso, bese kuthi-ke wala ukukwenza, lowo akusiwo uMoya kaNkulunkulu. Angikhathali ukuthi ukhulume kangakanani ngezilimi, ukuthi umemeze kangaki, mangaki amabandla ongowawo, noma ubhaphathizwe kangaki, noma ngabe yini enye into. IZwi liyiQiniso. Yilokho okuqinisekisa iqiniso. Uma unawo wonke lawa amanye amaqiniso bese kuthi-ke neZwi, amen, khona-ke uyazi ukuthi uza ekhaya.

169 Angaphenduka kanjani yena impela uNkulunkulu owaloba iBhayibheli ajike futhi afake isibambiso enye into ethile eZwini laKhe na? Nina bantu abangamaKatolika abasho ukuthi uPetru wangcwatshwa ebandleni lenu, futhi umoya wakhe uninika amalungelo okuthethelela izono nezinto, ubengakwenza kanjani uPetru, iJuda, eke ame ukuba nezithixo ebandleni na? Ubengakwenza kanjani uPetru eke anqabe ukusho ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ufike, futhi wakhuluma ngezilimi, nazozonke lezozinto ezinamandla azenzile, futhi aphenduke futhi athi thatha ucwecwana oluncane, noNkulunkulu ukulelocwecwana na? O, kungukungazi, ukungazi ngokukamoya!

170 Awu, manje, nina maProtestane into efanayo, niyenyuka futhi nixhawulane nabashumayeli, bese nithi, "Ngimukela uJesu

njengoMsindisi oqondene nami," futhi nibuyele emuva futhi niphile noma yiluphi uhlobo lokuphila kukho, futhi niqhubeke niphila nezwe. Omunye umbhoshongo waseBabele!

171 Sehlela esiphethweni manje. Bhekani. UNkulunkulu wathumela uMoya oNgcwele, noMoya oNgcwele unguNkulunkulu qobo lwaKhe. NguYe oyokwenza ubunye phakathi kukaNkulunkulu nomuntu. Ake sithole. Manje asithole. Manje ngifuna ukunaka kwenu okuphelele okwemizuzu emihlanu noma kanjalo. Bhekani.

172 Umuntu ngaphansi kwecebo likadeveli uzamile ukuhlela ibandla alifake ebunyeni. Bazamile ukuba manje bafundisele ibandla ebunyeni, niyakwazi lokho, ngemfundo, ngehlelo. Bayazama khona manje, uMkhandlu Wamabandla Omhlaba, beqhubeka bezama ukuletha bonke iKatolika namaProtestane ndawonye futhi babenze babemunye. Kuyini na? Icebo likadeveli!

173 Wena uthi, "Ungomncinyane kakhulu kakhulu ukusho lokho." Ngimncinyane kakhulu kakhulu, kodwa iZwi likaNkulunkulu wami likhulu kakhulu kakhulu, ngizonitshela lokho. Kodlula amaZulu nomhlaba, kepha Alisoze. Akusiye lowo okushoyo, nguYe—Yena o—Yena owakusho kuqala. Ngisho nje lokho Akusho, ngivuma iZwi laKhe.

174 Kungaphansi kukadeveli! Kufakazeliwe eZwini lapha, khona kulokhu ukusa phambi kwenu, ukuthi kungokukadeveli. Noma ngabe yiziphi zalezozinhlangano zinjalo. Umuntu, ngaphansi kwecebo likadeveli, ezama ukuhlela abantu babe munye.

175 "Nonke wozani nijoyine iAssemblies of God. Joyinani iOneness. Joniyani iChurch of God. Joyinani iMethodisti. Sonke simunye." Nina sigejane sabazenzisi, ninesimo sokumesaba uNkulunkulu futhi niphika aMandla akho. NeZwi likaNkulunkulu lashukuma khona phambi kwenu, futhi niyesaba ukuLihlasela. Kungani uNkulunkulu angazikhombisi Yena uqobo-ke, uma ninoNkulunkulu na? Kungani ningayenzi imisebenzi kaNkulunkulu na? Ningaba kanjani nalesosimo, futhi nizulazula futhi niMphika, ngisho ukubiza imisebenzi yangempela kaNkulunkulu ngoBelzabule na? Kuyakhombisa, nina sigejane esifundile samalunga ebandla! UJesu wathi, "Ningabakayihlo, udeveli!" Lunjalo! Ngiqinisekile ukuthi niyaqonda ukuthi ngisho ukuthini. Impela. Kungani othize angaLihlaseli na? Niyazi ukuthi uNkulunkulu usemva kwaLo. UNkulunkulu uyohamba neZwi laKhe.

176 Umuntu wenza lokho, kwakha omunye umbhoshongo waseBabele. Wenzani na? Bazama ukukhombisa...Bukani kuloMkhandlu wamaBandla oMhlaba manje. IAnglican, iRoma eliKatolika, iMethodisti, iPresbyterian, amaPentecostal, nawowonke ehlangene ndawonye, iSayense yobuKristu,

nazozonke lezizinkoloze eziphika ngisho ukuzala kwentombi, eziphika UbuNkulunkulu bukaJesu, baMenza abantu abathathu, bezama ukukhonza onkulunkulu abathathu, bephika ukuzala kwentombi. Abanye babo baphika iGazi. Abanye babo baPhika izimangaliso zaKhe. Bonke bayakwenza, ngokusondele. Futhi bese-ke—bese-ke bezama ukubumbana njengalokho ndawonye, ningakwenza kanjani na? Umbhoshongo owenziwe umuntu. Uyowa njengoba kwenza iBabele.

177 Kodwa uNkulunkulu wathi, "Hhayi ngamandla, hhayi ngokwazi; kepha ngoMoya waMi, kusho iNkosi. Yingaleyondlela engizohlanganisa ngayo iBandla laMi. Hhayi ngenhlangano, hhayi ngemfundo, hhayi ngosiyazi bezenkolo; kepha ngoMoya waMi, kusho iNkosi, Ngiyohlanganisa izimvu zami." O, he! Futhi uma Enza, kwenzakalani na? Nezibonakaliso zaKhe ziyofakaza okufanayo. Yingaleyondlela uIsrayeli ubengasho, ngaphambi kokuba bazixubanise nabakwaMowabi. KwakuneNsika yoMlilo phezu kwabo. Yebo, mnumzane. Uyokwenzani na? Uyofakaza, uhlobo olufanayo lokwenzekile. Kodwa emva kokuba behlukanisiwe nakanjalo noNkulunkulu, bahlukanisa ubunye phakathi kwabo noNkulunkulu, futhi bazihlanganisa nabakwaMowabi nabo, ukunqoba konke kwahluleka. Bahlala ehlane eminye iminyaka engamashumi amane, kwaze kwaba uNkulunkulu wavusa elinye iqembu ukuba liwele futhi lifezekise icebo laKhe. Yilokho impela abakwenzayo.

178 Manje bukani. Kodwa uma uNkulunkulu ehlanganisa ibandla ngoMoya waKhe, bayoba nezibonakaliso zaKhe zikaNkulunkulu ophilayo phakathi kwabo. Hlobo luni lwezibonakaliso na? Ngenkathi uNkulunkulu ehlukanise uIsrayeli eGibhithe, uNkulunkulu wanika uMose noIsrayeli isibonakaliso seNsika yoMlilo. Kunjalo na? Umprofethi. Ngenkathi Ehlukanise uAbrahama kuLoti, kwakuneNgelosi eyafika kuye, eyayikwazi ukwahlukanisa imicabangao nezizindlo zenhliziyo. Isibonakaliso! Haleluya.

179 Manje lamahlelo elibanjwe kulelibandla, azama ukwenza ubunye njengaseGibhithe, njengasezansi e—e-Edeni, nokunye nokunye, ngaphansi kwalokhu kuthonya okukhulu abakukho.

180 Kodwa, bukani, ngifuna ukunibuza okuthile. Ngenkathi uNkulunkulu ehlukanise uIsrayeli, Ubanika isibonakaliso esiNgaphezu kwemvelo, iNsika yoMlilo. Ubanika umprofethi. Yini Ayenza kuAbrahama na? Yini Ayenzayo ngaso sonke isikhathi na? Ngikhombiseni umprofethi oqokwe nguNkulunkulu phakathi kwabo. Ubeka ibandla laKhe ndawonye ngabapostoli nabaprofethi nabafundisi nabavangeli. Haleluya! Nakho lapho enikhona. Ibandla, futhi, njengoba Akhipha uIsrayeli. Nginitshelile bengizobuyela kukho. Yebo, mnumzane.

181 Akukho baprofethi abaqokwe nguNkulunkulu phakathi kwabo, qhabo, mnumzane, njengoba kwakunjalo ngoIsrayeli nabo. Kuyini na? Umbhoshongo kadeveli futhi.

182 Manje, ukuFika kuseduze kakhulu kakhulu, ukuFika kwesiBili kukaJesu, Ubuthela abaKhethiweyo baKhe ndawonye. Ngiyakukholwa lokho. O, bayovela eMpumalanga naseNtshonalanga. Lapho kukhona isidumbu, izinkozi ziyobuthana. O, he, kuyini na? Unobunye baKhe, ubunye baKhe beqiniso, ezikhombisa Yena uqobo phakathi kwabo; bevela kuwo wonke amahlelo, ehlanganisa abaKhethiweyo baKhe bevela kuzozonke izinhlobo zamabandla, bevela kuzozonke izindawo, ekhiphela ngaphandle abantwana baKhe, bewela ngqo emgqeni neZwi laKhe. Ini?

183 Manje, ukuFika kweNkosi uJesu kuseduze kakhulu kakhulu, ukufika kokwahlulelwa, Ubizela abaKhethiweyo baKhe ndawonye ebunyeni naYe uqobo, ngohlobo olufanayo lwenkonzo Ayenalo. Niyazi ukuthi ngabumba kanjani emiNyakeni yeBandla, lapha kungekudala, ngo—ngombhoshongo omkhulu owakhiwayo, obizwa ngesivivane, kepha intshe eliyinhloko alikaze libekwe kuso. Khumbulani ukuthi amaLuthela afika kanjani, kwase kuba abakaWesley abayingcosana, futhi kwehlela-ke ePentekoste. Futhi manje Akwenzayo, ebiza kulokho. Wenzani na? Wabizela ngaphandle abaKhethiweyo, ukwenza amaLuthela; Wabizela ngaphandle abaKhethiweyo, bephume kumaLuthela, ukwenza amaWeseli; Wabizela ngaphandle abaKhethiweyo, bephuma kulokho, ukwenza amaPentecostal; manje Ubizela amapentecostal aKhethiweyo ngaphandle, ukwenza itshe eliyinhloko lingene kuso. Lona impela uhlobo olufanayo lwenkonzo luqathakela ngqo kuso, ebiza abantwana baKhe bevela kuwowonke amahlelo nakho konke ukuhamba kwempilo.

184 Wenzeni na? Ubeke kubo abafundisi beqiniso, abaprofethi beqiniso ohlala neZwi laKhe, iBhayibheli. "Izimvu zaMi zizwa iPhimbo laMi," kwasho uJesu. Uma lelo kwakuyiZwi laKhe-ke, yiZwi laKhe manje. Noma yini ephambene kuleloZwi, akusikho ukudla kwezimvu. Azisoze zalilandela. O, mfowethu. Bevela eMpumalanga, bevela eNtshonalanga, bevela kuwowonke amahlelo, bevela kuzozonke izinhlangano, bafike bevela eMpumalanga naseNtshonalanga, bebuthana ndawonye! "Siyokudla neNkosi, ukuba sidle njengezimenywa zaYo, babusisiwe kanjani lababahambi pho! Bebona ubuso baKhe obungcwelisisiwe buvutha ngothando lobuNkulunkulu; babusisiwe abahlanganyeli bomusa waKhe, njengamatshe aligugu emqheleni waKhe ukuba akhanye. UJesu uza masinyane, izihlupho zethu zizophela-ke." Haleluya! "Kungathiwani ukuba iNkosi yethu kulomzuzu ibiyofikela labo abakhululekile esonweni na? Khona-ke bekuyoletha intokozo, noma umunyu nokuphelelwa yithemba na? Kepha uma iNkosi yethu

esenkazimulweni ifika, siyoYihlangabeza phezulu emoyeni." Haleluya! Yebo, mnumzane.

185 Kuyini na? Ngabafundisi abathunywe uNkulunkulu abayohlala ngqo neZwi, eBandleni langempela, benganyakazisi okuncanyanyana kungenandaba ukuthi ihlangano ithini. Abaxhumene nayo. Abaprofethi; hhayi inkolo yokuzenzisa, okubizwa kanjalo, kepha umprofethi woqobo ono ISHO KANJE INKOSI, futhi khona ncamashi echashazini ngasosonke isikhathi. Yilokho Akuthumele eBandleni laKhe. Yilokho Akusho ukuthi Uyokwenza. Okholwa yiZwi; hhayi isivumokholo, hhayi isifundiso esingaphikiswa, kepha iZwi. Futhi, ngokwenza lokhu, Uzikhombisa Yena uqobo kubo ngokuqinisekisa iZwi laKhe, enza ukuPhila okufanayo Akuphilayo kanye, ephila ngale futhi, efezekisa iZwi laKhe. O, he!

186 Lalelisisani. KwabaseKorinte bokuQala 4:20, kuthi, "UMbuso kaNkulunkulu yiZwi laKhe lenziwe amandla." Uma ukubhala lokho phansi, kwabaseKorinte bokuQala 4:20. UMbuso kaNkulunkulu yiZwi likaNkulunkulu lenziwe amandla. Yini uMbuso kaNkulunkulu na? Ungaphakathi kuwe. UMbuso ukuwe. Futhi uma iZwi lingena phakathi lapho, yini leliZwi eliyiqalayo na? LiZiguqula libe amandla, liLenza lisho ncamashi Elakusho.

187 Ungeke wathi "Lisho *lokhu*," futhi Lisho loKhu, futhi liKwenze kusebenze. Uzofanele usho into efanayo Eliyishoyo. Lokho kwenza ukuvuma. Kungesikho ukuthi, "Awu, Lipholishiwe kancane lapha, ngizoba nokuhlakanipha okuningi, ngizoba sekumeni okungcono ngapha."

188 Hlala neZwi. Nakho, niyabo. Futhi KuLenza aMandla. "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." UJesu washo, kuJohane oNgcwele 14:12, "Uma nihlala kiMi namaZwi aMi ekini." Qhabo, uxolo, lokho kwakungesikho lokho Akusho lapho. Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza. Uma nihlala kiMi namaZwi aMi ekini, nocela enikufisayo futhi niyakwenzelwa khona. Uma nihlala kiMi namaZwi aMi ekini."

189 Kuyini na? Uzofanele utholane neZwi, zibhubhise. Ngikholisekile ukuthi abaningi bethu, bangani, wemukele uMoya oNgcwele, kodwa semukela nje uMoya oNgcwele owenele kithina ukusifikisa endaweni lapho singafuni khona ukuqamba amanga, singafuni ukweba, singafuni ukwenza noma yini. Kodwa uNkulunkulu ufuna ukugcwalisa wonke umthambo weBandla laKhe, Ufuna ukugcwalisa ukucabanga kwakho futhi Ufuna ukugcwalisa umqondo wakho. Ufuna ukugcwalisa yonke ingxenye yakho, nje akwenze uphelele, ngakho konke ufile kuwe uqobo noma ekucabangeni wakho, nje unikelwe kakhulu kuNkulunkulu kuze kuba iZwi laKhe nje liphila

khona ngqo ngawe. Asazi lutho olunye ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu, nje hlala ngqo neZwi laKhe, LingukuPhila. “AmaZwi aMi angukuPhila,” kwasho uJesu. Ubeke kanye nabo, abafundisi bekholwa iBhayibheli, abaprofethi abasho iQiniso, abashoyo, bakhombisa isiprofetho esifanayo abebehlala njalo bezenza ezansi ngeminyaka. Wenzeni na? Uzikhombisa Yena uqobo ephila phakathi kwabo, eqinisekisa iZwi laKhe. IZwi laKhe, uMbuso kaNkulunkulu yiZwi likaNkulunkulu lenziwe amandla.

190 Ngenkathi, lamahlelo ethembela ekuzindleni komuntu, phezu kokuzindla komuntu. Lalelisisani manje. Bona . . . Asifanele sithembele phezu kokuzindla komuntu. IZaga, isahluko se 3, ivesi le 5, kwathi, “Ningenciki kokwenu ukuqonda.” Niyabo? Ningakwenzi, kunganandaba ukuthi iZwi likaNkulunkulu *libukeka* kanjani.

191 Wena uthi, “Awu, kubukeka sengathi likahle kakhulu nga*le*ndela.”

192 Lokho akusikho lokho eLiyikho. YiZwi likaNkulunkulu, Lithathe ngendlela Alisho ngayo. UEva wathi . . . USathane wathi kuEva, “Ngiyazi uNkulunkulu ukushilo Lokho, kodwa empeleni Alisho lokho. Lisho lokhu.” Futhi wakukholwa. Wakukholwa. Lokho kwanqamula ubunye, lokho kwanqamula inhlanganyelo, lokho wanqamula ukuhlangana, lokho kwanqamula izwe, lokho kwanqamula ukuphila, lokho kwanqamula yonke into!

193 Nomuntu okholwa ngokungesikho iZwi elilodwa likaNkulunkulu, kwephula yonke inhlanganyelo nakho konke. Kunjalo! SiyaLikholwa noma asiLikholwa. Masihlale naLo! UNkulunkulu washo njalo, futhi masihlale naLo. Izinto eziningi ngizomele ngizeqe lapha, ngoba sesivele sesisedlulile isikhathi.

194 Njengasezikhathini ezedlule, ezikhathini ezedlule lapho umuntu enze lokhu, kwaletha isahlulelo sikaNkulunkulu ezweni. Umbhoshongo waseBabele, ukuhlangana kwabantwana bakaKayini benabantwana bakaSeti, kwaletha isahlulelo. Kuhlala kuletha isahlulelo sikaNkulunkulu ezweni. Niyabo? O, ubunye bangempela naye kuyovuka ekwahlulelweni, ngaphezu kwakho, njengoba uNowa wenza kulesosahlulelo nomndeni wakhe. UNowa oqotho nomndeni wakhe bahamba ngaphezulu kwezahlulelo. Benzani na? Bahamba!

195 Mfowethu Lee Vayle, uma uthola lokhu, nakhu. Lowo ngumbuzo kuphela esiphikisana kuwo, ukholwa ukuthi iBandla liyodlula ekwahlulelweni. Angikuboni. Angikukholwa.

196 UNowa akazange adlule ezahlulelweni, wahamba ngaphezu kwezahlulelo. UAbrahama akazange abe nomlilo, wayengaphandle komlilo. UIsrayeli wayengekho ezahlulelweni zikaIsrayeli, wehlukaniswa ngaphandle komlilo, ngaphandle

kwezahlulelo. IBandla liyogibela ngaphezu kwesahlulelo, emkhunjini kaMoya oNgcwele, ophakanyiswe uvela emhlabeni.

197 Lento yaloMkhandlu wamaBandla awulutho olunye emhlabeni ngaphandle ko—kokugovuza kwentombi eyisiwula, ukuba ishiwe lapha emhlabeni ukwenzela ukukhethwa komphiki-kristu. Kodwa iBandla langempela likaNkulunkulu liyontanta njengoba kwenza uNowa omdala, futhi liqhubekele eNkazimulweni ngokuqiniseka nje njengoba ngimi lapha. Yingakho Ebabuthela ndawonye. Yilokho iPhimbo elikumemezelayo namhlanje. Yilokho uNkulunkulu akwenzayo, ngukubuthela oyedwa eLos Angeles, noyedwa ePhiladelphia, noyedwa eGeorgia, nokunye nokunye. Ebabuthela ndawonye, abantu baKhe othandayo ukukholwa iZwi likaNkulunkulu ophilayo. "Njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, kuyabanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho abayingcosana wahlengwa, nje ingcosa ngempela." Kulungile, umkhumbi wethu kaMoya oNgcwele uyontanta khona ngaphezu kwezahlulelo zikaNkunkulu, ngoba sesivele sehlulelwe, njengoba sivuma uJesu, futhi Wathatha isahlulelo sethu.

198 Lamahlelo, nakuba, anenkani kakhulu! Afana noEva, wafuna ukuhlakanipha kwakhe kungakhathaleki ukuthi laliyini iZwi likaNkulunkulu. UNimrodi wafuna umbhoshongo wakhe, kungakhathaleki, umBhalo noma qhabo! Babenenkani! UEva wayazi kangcono. USeti wayazi kangcono kunokuthanda labobesifazane abahle. UIsrayeli wayazi kangcono kunokuphumela lapho kulokho kuphinga. Kanjalo nawe! Kodwa abanye banenkani, uMbhalo noma akusiwo uMbhalo! "Akabusiswe uNkulunkulu, umama wami wayeyiPresbyterian! Ngizoba yilo, nami." Qhubeka, qhubeka iyonanto kuphela ongayenza khona-ke. Nkulunkulu yiba nomusa emphefumulweni wakho ogcwele isono. Uzokweqa kanjani, lapho wazi ukuthi yiqiniso na? Futhi uma ubona iZwi likaNkulunkulu, futhi usalokhu ungacabangi ukuthi LiyiQiniso, khona-ke kunokuthile okungahambi kahle ngokuhlukanisa kwakho kokomoya. Kunjalo impela. Buka ngale esizweni futhi ubone lapho lezizinto zenzeka khona. Sisesikhathini sokuphela, bangani. Ngabe sisanda kwedlula emaBandleni ayisiKhombisa futhi sazi ukuthi kuzokwenzakalani onyakeni weBandla laseLawodikeya na? Asidlulanga nje kulokho na? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Sisesikhathini sokuphela.

199 UNkulunkulu ubutha abaKhethiweyo bevela emimoyeni yomine yomhlaba. Wathi Uyothumela izingelosi futhi zibabuthe. Kunjalo na? Ubabuthela ndawonye, ebahlukanisa okhuleni. Amen. Ukhula luzoshiswa, hhayi ukolo. Kunjalo.

200 Kodwa, banenkani kakhulu, bazobanakho noma qhabo, akwenzi nayimuphi umehluko. O!

201 Kodwa AbaKhethiwe bakaNkulunkulu bayayalwa ukuba baphume phakathi kwabo. “Hlukanani,” kusho uNkulunkulu, “futhi ngizonamukela. Ningazithinti izinto zabo zezwe, futhi Ngiyoba uBaba kini, noma uNkulunkulu, futhi niyoba ngamadodana namadodakazi aMi. Ningazibopheli jokwe linye nabangakholwayo, kepha phumani kukho!” UNkulunkulu ufuna ukwahlukanisa ezweni. Ufuna ukuhlanganiswa nawe, Yena uqobo. Futhi kungekho maqhinga enziwe ngumuntu enhlangano, ihlelo, noma okucatshangwayo okwenziwe ngumuntu okuyoke kume. Kuyothatha uNkulunkulu, uMoya oNgcwele, phakathi kuwe, ukukuhlanganisa kuNkulunkulu. Futhi wazi kanjani ukuthi unaWo na? UMoya oNgcwele owaloba iZwi uyofakazisa lonke iZwi; nezinto ezifanayo uMoya oNgcwele azenzayo eTestamenteni eLidala, Uyokwenza eTestamenteni eLisha; uyokwenza manje ngokufanayo nje, ngoba uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi aniboshelwe ejokweni linye nezinhlangano nezwe. Aniboshelwe nabo. Ningazibopheli ejokweni phakathi kwabo, kodwa phumani phakathi kwabo! Niboshelwe ejokweni kuKristu. Amen. Ngiboshelwe ejokweni eNkosini uJesu Kristu.

202 IBhayibheli lithi, ngezinsuku zokugcina kuyoba namabandla, omunye umbhoshongo waseBabele okufanayo. Bayoba nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bephika iZwi naMandla, aMandla eZwi laKhe. Futhi yini iZwi na? Yini uMbuso kaNkulunkulu na? Sizofanele sibe ngaboMbuso ngaphambi kokuba sike sibe yizikhonzi zeNkosi. Bangaki abakwaziyo lokho, thani “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, ungena kanjani eMbusweni na? UMbuso kaNkulunkulu uyiZwi likaNkulunkulu lenziwe emuva ngamandla. Amen. Amandla enziwe; asusa isono, anika izibonakaliso. Nhloboni yezibonakaliso na? Uma KuyiZwi elifanayo elakhipha uMose, Liyoletha isibonakaliso esifanayo.

203 Into efanayo eyahlukanisa uLoti osivivi. Manje, siyazi ukuthi uLoti wayesivivi, noJesu washo ukuthi leso kuyoba isibonakaliso sesikhathi sokuphela. ULoti osivivi ehlezi ngaphesheya, wayekholwa, impela, yena nomkakhe. Futhi babengabazozonke izinhlobo zamaqembu, futhi wayeyimeya yedolobha, futhi, o, kwakukhona izinto eziningi kakhulu ezaziqhubeka. Wayekholwa ngempela. Wayengajabulisa abavangeli nabobonke bedlula, wayelungile ngaleyondlela. Kodwa, o, mfowethu, wayengaKhethiwe kanjalo.

204 Bukani ukuthi kwenzakalani! Ngani na? UNkulunkulu ofanayo owahlukanisa futhi uza kuAbrahama wayesemkhombisa ukuqinisekiswa kokwahlukanisa kwakhe . . . Ehhe! O Nkulunkulu! Ngifisa kanjani ukuthi benginga—fisa ukuba benginga nje bengingenza okuthile ukuba nginenze niLibone. UNkulunkulu wakhombisa uAbrahama, eyilowo owayekade ezahlukanisele yena uqobo, Wamkhombisa

isiqinisekiso sakho, ukuthi Wayenaye futhi khona ngqo phakathi kwakhe. NoJesu washo ukuthi into efanayo izokwenzeka ngezinsuku zokugcina. Akusona isizwe esasinguAbrahama, wayekwabayingcosana, kodwa uNkulunkulu wayenaye. Wayekade emahlukanisile khona-ke. Sifanele sizehlukanise ngalolu izinsuku zokugcina.

205 Futhi uma uNkulunkulu wanikeza isibonakaliso kuMose, kuIsrayeli, umprofethi ogcotshiweyo, iNsika yoMlilo, wanika isibonakaliso kuAbrahama. Wa—Wanika isibonakaliso kuIsrayeli. Wanika isibonakaliso kubafundi. Isibonakaliso esifanayo, ngasosonke isikhathi! Isibonakaliso esifanayo, iNsika yoMlilo!

206 UPawulu, ngenkathi esendleleni yakhe ehlela eDamaseku, lapho kwakhanya iNsika yoMlilo phambi kwakhe, eyakhipha ngisho amehlo akhe, yamshaya waguqa ngamadolo. Akekho omunye owaYibonayo. Bonke bemile bezungezile, abaYibonanga. NePhimbo lathi, "Sawulu, uNgihluphelani na?"

207 Wathi, "Nkosi, UNgubani na?"

208 Wathi, "NginguJesu." Isibonakaliso! Futhi wayeyini na? Umpostoli kwabeZizwe. Amen.

209 Silapha esikhathini sokuphela, sivela eMpumalanga naseNtshonalanga, eNyakatho naseNingizimu. Senzani na? Silungela loloHlwitho. Silungela i. . . Sizibambile singanyakazi okwemizuzu emibalwa kuze kuba yonke imithambo igcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Khona-ke Uyonyuka. O, he! Ebizela abantu baKhe ndawonye kuYe uqobo, ebunyeni beqiniso naYe uqobo, ngoba ngobaKhe uMoya oNgcwele. "NgaMoya munye sonke ngamunye sibhaphathizelwe eMzimbeni munye, sisonke uMzimba kaJesu Kristu." NoJesu Kristu ephila noMoya waKhe enyameni yethu, ukhonsiza iBandla futhi enza izinto ezifanayo Azenzayo, njenge—njengesibonakaliso, njengeflegi elibhakuzayo ezweni, ukuthi sisezinsukwini zokugcina, silungela uHlwitho. O, ngiyaMthanda, animthandi na?

210 Nginebhuku lapha manje, kodwa nje angeke ngisaya kulo, sibaleyithi kakhulu. Ngingahle ngilicoshe ngesinye isikhathi.

211 Sisekupheleni. Ubunye. Ngabe nimunye kakhulu noNkulunkulu na? Yileyondlela ozofanele ube ngayo. Ya. Sizofanele sibe munye naYe kuze kube. . . Mawube kini lowomqondo owawukuKristu. Manje-ke uKristu, umqondo waKhe uQobo ukini uyoqonda lonke iZwi Alilobayo. Kwenza kubapostoli, ngokuyikho uhlukanisa umBhalo, okungukuthi uyiQiniso, niyabo, uMoya oNgcwele. Uma LiyiQiniso, khona-ke Uyofakazisa ngaLo ngokuletha isibonakaliso esifanayo Asinika uMose, isibonakaliso esifanayo Asinika uAbrahama, isibonakaliso esifanayo Asenza ngoKristu, isibonakaliso esifanayo Asenza ngoPawulu. Sisesikhathini sokuphela. Washo ukuthi lokho kuyobanjalo. Sisesikhathini sokuphela. IBandla,

lilonke, lihlangana ndawonye ekuhlanganeni, oyedwa lapha nomuye lapho, bakha.

212 Wathi, "Kuyoba nababili ensimini, Ngiyothatha oyedwa." Oyedwa. Bukani, "Ababili ensimini," leso isikhathi sasemini, ukuvuna, "Ngiyothatha oyedwa ngishiye oyedwa. Kuyoba nababili embhedeni," olunye uhlangothi lomhlaba, "Ngiyothatha oyedwa futhi ngishiye oyedwa," ekufikeni kweNdodana yomuntu. Futhi sekuseduze kakhulu kakhulu, sekusondele kakhulu.

213 Ungakwenzi! Ungakwenzi, Adamu! Adamu! Eva, Adamu, ake nginimemeze, ningabe nisawalelela amanga kadeveli. Hlalani neZwi likaNkulunkulu, Lingu ISHO KANJE INKOSI. Hlalani neZwi laKhe. Ukwahlukanisa kuLo ngukunqamula inhlanganyelo noNkulunkulu, ubunye bukaNkulunkulu ngoMoya oNgcwele. Manje-ke uma uthi unoMoya oNgcwele futhi kungavumelani neZwi, khona-ke awukho ebunyeni noNkulunkulu.

214 Lobu ngubunye bukaNkulunkulu, uma u. . . u—umoya onawo uvumelana naleliZwi, futhi ubonakalisa leliZwi futhi wenza lamandla eZwi ukuba asebenze ngendlela efanayo Owenza ngayo lapho.

215 Masikusho ndawonye. Ubunye [Ibandla lithi, "Ubunye"—Umhl.] noNkulunkulu ["noNkulunkulu"] ngukuba ["ngukuba"] noMoya kaNkulunkulu ["noMoya kaNkulunkulu"] phakathi kuwe ["phakathi kuwe"] uvumelana ["uvumelana"] neZwi ["neZwi"], lonke iZwi ["lonke iZwi"], iZwi eliphelele ["iZwi eliphelele"], nokuLenza ["nokuLenza"] libonakaliswe ["libonakaliswe"] emandleni ["emandleni"].

216 Nakho lapho okhona, lobo ngubunye noNkulunkulu. Uma lawomandla esebenza kimi, esebenza kuwe, simunye. Amen! Mfowethu Kidd, uma amandla kaMoya oNgcwele aphakathi kimi esebenza kuwe, akukho ukungavumelani, iZwi lilapho. Liyasebenza. Amen. LiLenza lokho Eliyikho, uNkulunkulu enziwe inyama phakathi kuwe ngeZwi laKhe. IZwi lenziwe amandla phakathi kwakho, lonke iZwi!

217 Manje, khumbulani, udeveli uthatha konke okuningi kwaleloZwi, eduze kakhulu amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye namashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye aLo. Iphesente lamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ekhulwini namashumi ayishumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye lalelo khulu, uyoLenza nje kahle impela, kodwa-ke uyogxuma *lapha*, futhi yilelo elabangela ukufa khona lapho. Lokhu kunqamula iketango khona maphakathi nendawo, nakho wehla.

218 Lonke iZwi! Wathini uJesu na? "Umuntu akuyikuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngawowonke amaZwi!" Hhayi ngambalwa amaZwi kaNkulunkulu ayakuphila ngawo,

hhayi ngamaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye namashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye eZwi likaNkulunkulu. Kodwa ngawo wonke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu, umuntu uyakuphila ngaleLo.

219 USathane waMenyusela lapho wayesethi, "Kulotshiwe!" Niyabo, njengoba asho kuEva, "Kulotshiwe! Kulotshiwe!"

UJesu wathi, "Futhi kulotshiwe futhi . . . "

220 Wathi, "Kulotshiwe, 'Uyolayeza iziNgelosi kuWe.' IBhayibheli lasho njalo!" Mfana, uyisifundiswa. "Kulotshiwe, 'Uyolayeza iziNgelosi kuWe funa Wena uqhuzula unyawo lwaKho etsheni, futhi ziKuthwale.'"

221 Wathi, "Kulotshiwe futhi, 'Ungaboyilinga iNkosi uNkulunkulu waKho.'"

222 Bathi, "SinomBhalo," iZenzo 19, "sibhathizwe nguJohane."

223 UPawulu wayenokunye, wathi, "Lokho akusasebenzi." Niyabo? "UJohane kuphela wabhaphathiza . . . " Akazange alikholwe ngokungesikho izwi likaJohane. Wathi, "Ngizokutshela ukuthi uJohane wathini. UJohane wathi wabhaphathiza kukho ukuphenduka, hhayi ukuthethelelwa kwezono." UMhlatshelo wawungakabulawa, niyabo. Wathi, "Wabhaphathiza kukho ukuphenduka, ethi kholwani Ngozayo." Futhi kwathi bangakuzwa lokhu, babhaphathizwa eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu. UPawulu wabeka isandla sakhe phezu kwabo sigcwele kakhulu iZwi, noMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo. Baqala ukuprofetha, bekhuluma ngezilimi, bebabaza uNkulunkulu, isikhathi esinje pho! O, he. Lalilikhulu kangakanani ibandla na? Ishumi nambili. Yebo. O, uNkulunkulu akasebenzi ngezibalo ezinkulu, Usebenza ngezinhliziyo eziqotho. Asibe nalolohlobo lwenhliziyo. Niyamthanda na? Asikhuleke.

224 O, mhambuma wami othandekayo, uwabukile amadodakazi akwaMowabi noma uwabonile amadodakazi (ngikhuluma ngamabandla) kaKayini na? Aqhele kade kangakanani eZwini! Uke, mngani wami oligugu, uke waqaphela ngezinsuku zokugcina ukuthi lezizinto sezifezekile na? Bewuqaphela maduzane ngokuthi labonakaliswa kanjani iZwi likaNkulunkulu na? Kanjani ukuthi imvuselelo eyagadla kanye isithulisiwe, akusekho okuningi okusele na? Kuyini na? Ukuthulisa phambi kwesivunguvungu. Izahlulelo zilungele. Benizimaka lezizinto na? Niwuqhathanisile umBhalo ngomBhalo, iZwi leBhayibheli ngeZwi leBhayibheli, ubufakazi obubonakalayo ngobufakazi obubonakalayo na? Niliqhathanisile iZwi likaJesu Asho ukuthi udeveli ngezinsuku zokugcina . . . kuyosondela kakhulu, njengento yangempela, kuze kuthi uma kwakunokwenzeka uyodukisa wonke umuntu ngaphandle kwabaKhethiweyo, OKhethiweyo. Cabangani nje,

lokhu kufundisa ngokomBhalo kuyosondela kakhulu! "O, sikholwa nguMoya oNgcwele, akabusiswe uNkulunkulu njalo njalo! SinoMoya oNgcwele, sikhuluma ngezilimi." Bese kuthike bephenduka futhi baphike iZwi na? Ya. Niyabo, kuyodukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka.

225 Uma kukhona othile phakathi lapha ongalungisene noNkulunkulu, uma kunothile lapha ogulayo noma ohluphekile . . . Kunamaduku nezinto zilele lapha, ngizozikhulekela. Angikhathali ukuthi unasidingo sani. Sonke isithembiso eNcwadini singesakho. Singesakho.

226 Manje, nginilethele iZwi, ngaLiletha kusukela kuGenesisi kwathi ngqu ezansi kulolusuku esiphila kulo, nje ngishaya izindawo futhi nginikhombisa. Amakhulu amaningi ezindawo ebengingazishaya ngaphandle kwalokho, anginaso isikhathi. Kodwa ngokuqinisekile, kulokho, ningabona ukuthi lento yehlangano ingaphandle. Ngumqondo ongamanga kadeveli, ezama ukuhlela umuntu ngokuhlangana okungokomqondo wabo nokucabanga. Lapho, kunguMoya oNgcwele ukuthi sijoyinwe kuNkulunkulu njengomunye ngomunye. NoMoya oNgcwele uvumelana neZwi likaNkulunkulu. Niyabo, iBhayibheli lasho, uJesu washo ukuthi bayolivuma ngisho, niyabo, "Khohlise abakhethiweyo impela uma kunokwenzeka." Niyabona ukuthi simi kuphi na?

227 Manje thabathani leliZwi likaNkulunkulu kulesosandla sokukholwa. Unesidingo sani kulokhu ukusa na? Unesidingo sombhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu na? Ichibi livuliwe. Unesidingo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Uzama ukucindezela indlela yaKhe angene kuwe. Unesidingo sokuphiliswa na? Ngani, wona impela uMoya oNgcwele qobo lwaWo, iZwi elenziwe amandla, likhona lapha manje, wona impela amandla okwahlukanisa ubuka ngaphezu kwalezizethameli lapha manje futhi ngibona lokho kuKhanya kuzongeza njengokuvutha. Ngike nganitshela noma yini eyiphutha na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Ngake na?

228 Nje—njengoba umprofethi washo kuIsrayeli ngaphambi kokuba bazitholele inkosi eyenziwe ngumuntu, wathi, "Ngike nganitshela noma yini . . . Ngike ngathatha imali yenu na? Ngike ngehla futhi nganxiba imali futhi—futhi ngagibela ngizulazula futhi ngiphile ezigodlweni ezinkulu futhi ngakha izinto ezinkulu kakhulu futhi nganamuka imali yenu na? Ngike nganicela upeni na?" "Akukaze."

229 Ngike nganitshela noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho uNkulunkulu akufezekisile na? Ngike ngakhuluma eGameni laKhe ngaphandle kwalokho okwakuyikhona na? Ngike nganitshela umbono phezu kwezethameli ngaphandle kwalokho okwakuyikho ncamashi umuntu wavuka, isihambi noma angahle ukuba uyini, ngaphandle kwalokho athi "Lelo

yiqiniso"? Ngike nganitshela noma yini eyiphutha na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Khona-ke ake nginitshele manje, ISHO KANJE INKOSI, yamukelani uMoya oNgcwele, uMoya ozothatha iZwi likaNkulunkulu kulezozandla zokukholwa, liphumele phandle ngale. Wonke uMbuso ungowenu. Ungowenu, bantwana.

230 Kungani uvela eGeorgia, uvela ekunqamulweni izwe, uvela eOhio, uvela eKansas, yonke indawo, wenzela umhlangano omncane na? Ngicabanga ukuthi iteyipu isicimile manje, ngakho, ngingakusho lokhu. Niyabo? Kungani niza kanjena na? Yini ekwenza ukwenze na? Kuyini na? Ngibona abantu abavela eArkansas, bevela emakhulwini amamayela ukuqhela.

231 Izolo ebusuku, ngiza ngingena ngithi ngqu ngivela eKansas City, umfowethu omncane ongumPolish emi emuva lapho, uyeza, eholwa, wathi, "Mfowethu Branham, selokhu ngaqala ukuzwa ngawe emuva ngale eCanada iminyaka emininingi eyadlula, izinto ozibonile futhi wazenza, ngizihlole zonke, khona emuva naphambili, phezulu naphansi," wayesethi, "akukho nakunye okwakho okwake kwaba yiphutha." Mhlasimbe uyiKatolika eliyiPolish, futhi nangu eza, ethatha amateyipu, ephuma futhi ewadlala, ehlangana nabaphikisayo. Abefundisi abebefanele ukuba nami futhi besisiza, kepha bephika aMandla akho, bephika iQiniso leZwi, futhi bezisho ukuba noMoya oNgcwele.

232 Angizibizanga ngomprofethi. Yini enenze lokho. Kodwa, uma kunjalo, khona-ke livelaphi iZwi likaNkulunkulu na? Sazi kanjani ukuthi kuqinisile noma qhabo ngaphandle uma kukhona okuthile ukukusekela na? Lelo yiZwi likaNkulunkulu lapha, iZwi elilotshiwe. Bese kuthi-ke uma iZwi elilotshiwe lisekelwa, khona-ke nguNkulunkulu kuleloZwi enza leloZwi libe iqiniso. UPawulu wathi, "Ngilandeleni, njengoba ngilandela uKristu."

233 Manje, uma unesidingo sikaNkulunkulu ngenxa yokugula, ngenxa yensindiso, yini . . . noma uxoshe . . . Abanye benu besifazane ongakawutholi umusa ngokwenele ukuba niyeke izinwele zenu zikhule, abanye benu ndoda ongakawutholi umusa ngokwenele ukuyeka ukubhena osikilidi, abanye benu bashumayeli awukakabi nawo umusa ngokwenele ukwamukela iqiniso lombhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu, abanye benu bantu abagulayo ogulayo futhi ugulela ukufa, awulithathi ngani leliZwi kulokhu ukusa. Ngizonitshela manje, Liyinyama phakathi kwethu! Thatha leloZwi ngesandla sakho.

234 Lapha kulenga isithombe odongeni, seNgelosi yeNkosi, Efanayo eyahola abantwana bakwaIsrayeli, Efanayo eyahlangana noPawulu, Efanayo eyayikuKristu. NoMoya oNgcwele ofanayo uphakathi kini, phakathi kini, unihlanganisa nibe munye. Yini eyenza izinhliziyo zethu zisondelane amakhulu amamayela na? Akukho okufana nakho ezweni. Beza eZwini.

235 "Kunomthombo ogcwaliswe ngeGazi, omuncwe emithanjeni kaImanuweli, lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala, futhi zilahle lonke ichashazi lesono. Selokholokho ngokukholwa ngibona lowomthombo amanxeba aKho avuzayo enhlinzeka, uthando oluhlengayo libe yihubo lami, futhi kuyakuba njalo ngize ngife."

236 Baba wethu waseZulwini, okubekwe lapha isigejane samaduku, namaglavu, angahle aphume ngeposi. Angazi ukuthi ubani owabeke lapha, mhlawumbe uBilly, mhlawumbe abantu lapha ezethamelini. Ngizwa kuthi nje angenze lokhu manje, Nkosi. Akukho lutho ezandleni zami, akukho lutho kimi njengesidalwa esingumuntu. Bengingeke ngancika phezu kokwami ukuqonda. Angiqondi ukuthi kungani lokhu kukanje, kodwa ngilandela lokho Okushilo. "Bathatha emzimbeni kaPawulu, amaduku nezindwangu, nemimoya emibi yaphuma kubantu." Kwakungesikho ngoba wayeyindoda enkulu, kwakungenxa yokuthi uNkulunkulu wayenaye eZwini nasemandleni. Futhi akazange axoxisane nabapostoli, kodwa kwafumaneka ukuthi ngenkathi behlangana ndawonye ukuthi iVangeli elifanayo, uhlobo olufanayo lombhaphathizo, okufanayo yonke into ababezenza, wawuyiso esweni kufana.

237 Manje ngiyacela, iNkosi, ngalaba bantu abaligugu oKukholwayo, ukuthi Uzobaphilisa. Labo ezethemelini, baphilise, Nkosi. Kwangathi ukukholwa kwabo nje kufinyelele phezulu futhi kubambelele kuleloZwi khona manje, futhi bathi, "Thumba, kugula, bubi, usungavele uhambe, ngisika ngeNkemba kaNkulunkulu! Ngiyakholwa! Ukukholwa kwami kunamandla. Ngicindezela iNkemba ijule. Deda endleleni yami! Ngiyasukuma esihlalweni sami, ukuba ngisinde." "Ngibeka isandla phezu kukababa wami, phezu kukadadewethu, umntwana wami, phezu kukamakhelwane wami. Ngiyakholwa. IZwi laKho liyiQiniso. Ngisebunyeni naWe. Imisebenzi Owayisho ukuthi Wayenza, siyoyenza nathi. Nkosi Nkulunkulu, ngikholwa lonke iZwi. Futhi ngiza ngaphambili, ngiza ngaphambili ukukubiza, ukukuthabatha kulokhu ukusa."

238 O Nkulunkulu, bengingacabanga kanjani lapho ibandla lalisemnyakazweni, ngenkathi uMose ethola ukwesaba kancane ezansi lapho olwandle, waqala ukukhala eNkosini. NeNkosi yathi, "Ukhalelani kiMi na? Kungani ukuba ukhale kiMi na? Khuluma futhi uqhubeke! Angikuyalanga emsebenzini na? Khuluma!" Khuluma ini na? IZwi likaNkulunkulu. "Likuwe. Khuluma futhi uqhubeke. UngaNgikhaleli. Qhubeka."

239 Futhi, Nkosi Nkulunkulu, namhlanje ngiza ngeGama leNkosi uJesu. Ngiza ngidedela leNkemba yokukholwa, ngibiza ubunye bukaNkulunkulu nomuntu ngoMoya oNgcwele, ngomusa omningi nomhlatshelo kaJesu Kristu iNdodana yaKhe. Ngala wonke udeveli obophe noma ngabe ubani nganoma iyiphi indlela kulesisakhiwo, noma ngabe ungumfana noma

intombazane, owesilisa noma owesifazane. Ngala konke ukugula. Ngala konke ukungabaza. Ngala konke ukwesaba. Ngala yonke into engengcwele, shiya lezizethameli eGameni likaJesu Kristu! Phuma kulezizethameli, ukuthi singaba munye noNkulunkulu futhi singakhonza uNkulunkulu ngale kokugula nokwesaba. Kwangathi amandla asenza saba munye noNkulunkulu. . . Lowodeveli engaziklewuza kanjani yena uqobo ngakwabagcotshiwe na? Engama kanjani lowodeveli phandle lapho futhi aziklewuze yena uqobo njengoGoliyathe na? Ngenkathi uDavide engena ekamu, wayesethi, "Niqonde ukuthi nivumela lowomFilisti ongasokiwe ame lapho futhi adelele izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na?"

240 O, Nkulunkulu, yenza owesilisa nabesifazane bavuke emandleni oMoya. Makuthi labo abangaphendukile, abadangele udeveli olimaze isintu ezansi kwehle ngonyaka, ame lapha futhi adelele ibandla likaNkulunkulu ophilayo na? Sathane, phuma, futhi uhambe, eGameni likaJesu Kristu!

241 Manje, nina eninamanda okuqina anele ukuvumela iNkemba, manje ukuthi ninokuqonda okwenele eZwini likaNkulunkulu ukuLibiza ukuba libe impahla yakho siqu, ubani ongathabatha iZwi likaNkulunkulu manje esandleni sakho, uLibambe liphume ngesandla sokukholwa, bese uthi, "Ngithatha uhlangothi lwami neNkosi. Ngizoba ubunye noNkulunkulu wami, kusukela manje kuqhubeke. Ngizovumela leNkemba kaMoya kuleliZwi, futhi ngizosika udeveli kusosonke isithembiso uNkulunkulu angethembise sona."

242 Uma ukholwa lokho ngayoyonke inhliziyo yakho, ngiyakucela-ke ngokuzithoba ngayoyonke inhliziyo yami, eGameni likaJesu Kristu, yima ngezinyawo zakho futhi ukwamukele. Ukuhlosile na? Ngabe uqotho na? Ngabe iZwi lisesandleni sakho na? Ngabe isandla sakho ukukholwa kwakho na? Phakamisela isandla sakho sokwenyama kuNkulunkulu, uthi, "Nkulunkulu, ngalokhu, ngesandla sami esiphakanyisiwe ngiyethembisa ngayoyonke impilo yami yonke. Ngiyethembisa ngompefumulo wami, ngiyethembisa ngokucabanga kwami, ngiyethembisa ngayoyonke into eZwini likaNkulunkulu. UMoya oNgcwele mawuthathe ukukholwa kwami manje futhi unginike into. Sika konke ukungabaza kusuke kimi. Futhi, ngokukholwa, ngemukela isithembiso engisicelayo, kulomzuzu."

243 Uma nikukholwa, thanini, "Amen," manje. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Thanini, "Amen," futhi. ["Amen."] Amen, amen, amen! Manje-ke, uma nikusho ngokuqonda lokho ngayoyonke inhliziyo yenu, eGameni likaJesu Kristu, ngiyanethembisa enikucelile. Amen. Kukholweni ngayoyonke inhliziyo yenu. UNkulunkulu anibusise.

Mfowethu Neville.

